


UKULWELA UKUKHOLWA

 Ngiyabonga, Mfowethu Arganbright. Sanibonani kusihlwa, bangane. Bekuyisingeniso impela leso, bekungesiso yini, “uMongameli wase-United States”? Siyajabula ukuba lapha kulobubusuku, kulelihholo elikhulu lapha eGeorgetown, e-Indiana.

² Njengoba bengehla ngomgwaqo emizuzwini embalwa edlule, kuthe ukuletha okuthile enkumbulweni yami. Enye yezinkonzo zami zokuqala zokuphulukisa engake ngaba nazo, kwakuseGeorgetown, e-Indiana. Futhi bangaki abawukhumbulayo umhlangano wakwaWolfe Grove phandle lapha, ngenkathi ngangiphumele kwaWolfe Grove na? Kukhona isandla sothile phezulu emuva lapho, ezimbili noma ezintathu zazo; ngenkathi siphumele kwaWolfe Grove. Ngikholwa ukuthi babenenenekazi elincane, elalihlala phezulu lapho eNew Albany, lase lineminyaka engamashumi amathathu nanhlanu liyisishosha; lahamba okokuqala. Noma, wayengumncanyana, ngikholwa ukuthi wayenguye, futhi wayengakaze ahambe.

³ Awu, ngisenawo uMlayezo ofanayo kulobubusuku, “UJesu wafa ukuze asindise futhi aphulukise,” futhi angikakushintshi ngalutho. Kusukela ngaleso sikhathi, kube nezinto eziningi ezenzekile. Ngibone imiphfumulo engaphezu kwesigidi ilethwa kuJesu Kristu, nezibonakaliso nezimanga emhlabeni jikelele. Amakhosi nababusi nabanamandla bekhulekelwe, futhi baphulukiswa ngomusa kaNkulunkulu wethu. Futhi sijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi uNkulunkulu usengaNkulunkulu, futhi Akaguquki.

⁴ Ngiyajabula, kulobubusuku, ukubona umngane wami, uDkt. Cauble, lapho. Angazi noma ngabe ukhona noma ngubani omethulile noma qha, ovela eChurch of the Open Door, eLouisville. Ingabe usuthuliwe, Mfowethu Cauble na? Ungasukuma umzuzwana nje. A—angifuni ukumphoxa. Kodwa, uDkt. Cauble, ovela eChurch of the Open Door. Cishe wonke umuntu uyamazi, ngiyacabanga, ngalapha, ngoba unenkonzo yomsakazo, kanye nenkonzo evelele kakhulu.

⁵ Bese kuthi-ke ngiqagele, sibe nezinkonzo ezinhle kakhulu eLouisville, eKentucky, noDkt. Cauble. Kuhlale kuyinjabulo ukuba naye emihlanganweni. Manje-ke, laba abanye abefundisi lapha, futhi, ngicabanga ukuthi abanye babo bavela emabandleni endawo. Futhi, bazalwane, kungenzeka nginganazi, kodwa ngiyajabula ukuthi nilapha, nokulindela kulesi sikhathi esincane sokunhlanganyelo ndawonye. Kuwuhlobo lwesaziso esisheshayo. Bengingazi kwaze kwaba kuthangi, ngikholwa ukuthi bekuyilo, ukuthi ngingehla.

⁶ NoMfowethu Arganbright, owakho...omunye wabafana bakho lapha wasendaweni, osuka kwamakhelwane, ngani, niyazi ukuthi usebenza kanjani, ekunikeni imvume. Njengoba nje uMoya ubonakala umhola, ngani, uqala ukuhamba.

⁷ Maduzane nje, bengi...O, ezinyangeni eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili ezedule, ngangihlezi ekhaya, ngolunye usuku. Futhi mina nje ngilungiselela ukuya eDenver, eColorado, engqungqutheleni. Futhi lomfo omncane wathuthela endlini, futhi wathi, “Mfowethu Branham, nginesambulo esikhulu esivela eNkosini.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

⁸ Wathi, “iNkosi ibeka iZurich, eSwitzerland, enhliziyweni yami, ukuba ngiwele.” Wathi, “Ufuna ukuhamba nami na?”

⁹ Ngathi, “Awu, nginobusuku obubodwa ngaleya eDenver. Ngase-ke ngiya komunye umhlangano,” Ngathi, “akubalulekile kakhulu. Kungani na?” Lapho ngicabanga ngakho kakhulu, kungani, kwakubonakala kimi, ukuthi ukube bengazi uma uMfowethu Arganbright ube nesambulo sento ethize, bekukuhle, futhi sivela kuNkulunkulu.

¹⁰ Futhi saya eSwitzerland, futhi iNkosi yasinika imiphefumulo eyizinkulungwane ezingamashumi amahlanu. Sahamba, sisuka lapho, sakhuphukela eKarlsruhe, eJalimane, futhi Usinikeza izinkulungwane ezingamashumi amahlanu ngaphezulu, cishe. Wenza imiphefumulo ezinkulungwane eziyikhulu kulowomkhankaso omncane. Yeka ukuthi Wasibusisa kanjani! Futhi—futhi manje sihlela, kuleli hlobo, noma ekuqaleni kwalekwindla, ukubuyela e-Afrika, naseSwitzerland, eNdiya, uhambo oluningi ezweni jikelele.

¹¹ Manje ngiya eMinneapolis, eMinnesota, enhla lapho enkundleni yezemidlalo ethile okwenkonzo elandelayo. Bese kuthi-ke, ezansi, eSioux Falls. Singene ngale eMexico endala, siye ezansi eDolobheni laseMexico elidala, inkundla yemidlalo lapho. Siyabuya, siya oGwini oluseMpumalanga. Bese kuthi-ke, ukusuka lapho, ukuya e-Anchorage, Alaska. Khona-ke sizoba nemihlangano yaseMelika ethile. Sithole okunye...itende elisha liyeza, lihlalisa abantu abayizinkulungwane ezingingana, namaveni athile, nokunye nokunye, okwemihlangano embalwa yaseMelika ngaphambi kokubuyela phesheya kwezilwandle.

¹² Impela sinxusa imikhuleko yenu bantu ngalapha. Yikhaya lelo bakwethu, niyazi, ukuphindela ekhaya futhi, futhi siyayithakasela impela imikhuleko yenu.

¹³ Futhi njengoba singena kulezizinkonzo ezincane zokuvangela ezihlanganisile, asizi ukuzomela noma yiliphi ibandla, noma yiliphi ihlelo, noma yimaphi amaqembu abantu akhethekile. Siza kuphela ngoba sithanda uJesu, futhi siyazi ukuthi niyaMthanda, nani. Futhi siza kulezi zindawo okwesikhathi senhlanganyelo, ukuhlanganyela ngaseZwini

laKhe, nangasesibusisweni saKhe esithenjisiwe. Futhi ngi... Yilesa kuphela isisusa esinaso, esalemihlango.

¹⁴ Futhi siyajabula kulobubusuku, ukuba noMfowethu Tommy Nickelson nathi, lapha, ukuthi ngiqinisekile ukuthi wethulwe nguMfowethu Arganbright, ongu—umhleli we*Voice* yeChristian Men, emazweni ngamazwe. Iqembu lamadoda engiziqhenyayo ngokuba ngowalo. Yi—yiChristian Business Men ebumbe inhlango yabo, futhi isiphenduke udaba lamazwe ngamazwe. Bangixhasa emihlanganweni yami eminingi emhlabeni jikelele. Futhi ungumhleli we*Voice* yeChristian Men.

¹⁵ Futhi ngakho-ke kade siphumile, namhlanje, sithola obunye ubufakazi bezehlakalo ezindala, ukubona ukuthi ngabe ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyahlala noma qha. Sehlela kuNkk. Carter. Ngethemba ukuthi bakhona kulobubusuku, uGeorgie noNkk. Carter. Futhi uGeorgie ungesinye sezehlakalo esaphulukiswa, ngiyakholwa, cishe eminyakeni eyishumi nane, eyishumi nanhlanu edlule.

¹⁶ Futhi enye yamadoda asendaweni lapha, uMnu. Hall, okwakungomunye wabaphendukile bebandla iMilltown Baptist, lapho engangivame ukwelusa khona. Futhi waphulukiswa lapha eminyakeni embalwa edlule, kumdlavuza; wadelwa eLouisville, ngodokotela, nasezweni lonke. Futhi uyaphila, lapha, kulobubusuku, enempilo futhi ejabule. Ngimbona ehlezi ekhona.

¹⁷ Futhi sawelela endaweni lapho iNgelosi yeNkosi yehla futhi yangitshela ukuthi ngenzeni.

¹⁸ Futhi manje, bangane abangamaKristu, kuleliphuzu, siza kulento. Asisho ukuthi singenza noma yikuphi ukuphulukisa, njengoba inkonzo yabefundisi bethu ingafaki ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kodwa siyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu ngoba yiVangeli. Futhi akekho umuntu ongaphulukisa noma ubani. Ukuphulukisa akulele emandleni omuntu. Ukuphulukisa kulele eMandleni kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu akamniki umuntu amandla okuphulukisa.

¹⁹ UNkulunkulu wanikeza uKristu kuphela u—umyalo wokuza emhlabeni, ukufa esikhundleni sethu, ngenxa yezono zethu nokugula kwethu. UmBhalo wathi, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe sa,” u sa inkathi edlule, “saphulukiswa.” Futhi siyakholwa ukuthi phezu kokuvuma kwethu kokukholwa, ukuthi uJesu, umPristi wethu oMkhulu, ufile wabuye wavuka, ukuze asuse isono emhlabeni; futhi uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uBaba, lapho enza ukunxusa phezu kokuvuma kwethu. Futhi lapho Efela izono zethu, Wayengenakufela izono ngaphandle kokufela ukugula.

²⁰ Ukugula kuyingxenye engahlukaniseki yesono. Manje, mhlawumbe awonanga, yikho okubangela ukuthi ugule. Kodwa kwakungenxa yesono, okokuqala, esaletha ukugula

emhlabeni. Ngaphambi kokuba sibe nesono, sasingenakho ukugula. Kodwa ngenkathi ukugula kungena, isono siyingxenye engahlukaniseki.

²¹ Futhi, manje, awukwazi ukubhekana nesono, nganoma iyiphi indlela, ngaphandle kokubhekana nokugula noma zonke izingxenye ezingahlukaniseki ezivezwa yisono. Isono, lapho sibhekana nesono, sibhekana nokufa. Lapho sibhekana . . . Futhi ukugula kuyi—isigaba sokuqala sokufa, lapho ukugula kuthatha umzimba wakho.

²² Ngobusuku obufana nalobu, ngombuthano owodwa omncane, isaziso sezinsuku ezimbili kini bantu ukuba niphume futhi nibuthane esakhiweni, kulobubusuku. Bekuyoba nzima ukuzama ukungena eminingwaneni, ebemizokwenza emikhankasweni lapho sihlala khona amaviki namaviki, ukuchaza. “Kuyini ukugula na? Kuvelaphi na?” Akukho lutho ngaphandle kokuthi kunesizathu sakho, futhi kunembangela. Futhi awukwazi ukuthola ikhambi uze uthole imbanga.

²³ Bengisho, lapha kungekudala. Uma ngiye kudokotela . . . Impela angiphikisani nodokotela. Odokotela abahlinzayo, ukuhlinza, izibhedlela, konke kuyisu likaNkulunkulu. Kodwa uma ngiya kudokotela futhi ngimtshele ukuthi nganginekhanda elibuhlungu elingapheli, futhi ubeyonginika okokudambisa izinhlungu, futhi athi, “Manje, qhubeka ugijime, Billy, lokhu kuzolunga.” Manje, leyo ndoda iyangixosha. Niyabo? Yona, u . . . Udokotela wangempela ubeyoxilonga udaba lwami futhi abone ukuthi yini eyayingalungile ngami. Bese-ke ubeyofika emnyombweni, lapho kukhona, bese-ke eqala ukusebenza kusukela lapho.

²⁴ Awu, manje, yile yondlela esifanele sisebenze ngayo e—ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, noma ensindisweni yomphefumulo. Uma umuntu efika futhi asho ukuthi uphazamiseke kakhulu ngensindiso yakhe—yakhe, into yokuqala okufanele yenziwe, nina befundisi niyenze, yehla ngqo ngomugqa uze uthole, emuva lapha, lapho anyathela khona eceleni noma ukuthi kwenzekeni. Usuka lapho ukukhuphule. Leyo yinto efanayo okuyiyo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.

²⁵ Okungukuthi, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akuwona amandla athile uNkulunkulu awanikeze umuntu. Ukuphulukisa kulele qhwaba esivumelwaneni.

²⁶ Ngifuna ukunibuza okuthize, ngoba ngiyazi kukhona abefundisi lapha abavela emabandleni ehlukene. Futhi ubungayishumayela kanjani insindiso yomphefumulo na? Into kuphela . . . Ubungeke uthi . . . Sithi, “Awu, ngaphenduka, Mfowethu Branham. Ngasindiswa eminyakeni eyishumi edlule. Ngasindiswa eminyakeni engamashumi amabili edlule.” Qhabo, lokho kungukuphazama. Nakwemukela, mhlawumbe,

eminyakeni eyishumi noma engamashumi amabili edlule. Kodwa, nasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, ngenkathi uJesu efa eKalvari. Wawuxazulula umbuzo wesono, kuze kube phakade, lapho. Kulapho Akhokha khona inani eliphakeme kakhulu, wenza umhlatshelelo omkhulu, ukuthi, ngokufa kwaKhe eKalvari, khona-ke sinelungelo lokusindiswa. Intengo ikhokhiwe.

²⁷ Ngakho-ke, akukhona lokho okwenzayo. Yilokho Akwenzile. Nokukholwa kwakho siqu, nokwamukela lokho, kuletha insindiso yakho. Futhi manje lokho, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina.” Niyabola?

²⁸ Bengihlala ngenza lenkulumo-mbiko, ukuthi ubungeke—ukuthi ubungeke nangayiphi indlela...Uma inyoka, noma isilwane esithile besinesidladla ohlangothini lwami, futhi besisika ohlangothini lwami futhi singibulala, asikho isidingo sokuthi ngizame ukunquma isidladla saso. Ngivele ngisishaye ekhanda. Ngibulale ikhanda laso; libulala umzimba wonke.

²⁹ Awu, kungaleyondlela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngenkathi uJesu ebhekene nokugula noma isono, eKalvari, Wayefanele abhekane nenhloko yakho, okwakuyisono. Futhi, ngokwenza kanjalo, Wabhekana nokugula ngaso. Wayengadingekile ukuba avele anqume isidladla. Wawele wabalala ikhanda; lokho kwanakekela konke okunye. Ngakho-ke, uJesu uyafika, ukuletha esintwini, yonke into leyo—leyo isizwe sika-Adamu esasiyiyo...noma, isono sika-Adamu sabhujiswa ensimini yase-Edene. Futhi manje sinezingxenye ezingahlukaniseki, noma isibambiso sensindiso yethu yaPhakade, njengoba samukela uKristu njengoMsindisi wethu, noma uKristu njengomphulukisi wethu. Sinalezo, imali eyisibambiso yakho konke ukhulengwa kwethu, lapho Efika.

³⁰ Siyalingwa. Sonke siyalingwa. Sonke siyona. Akekho ongenasono. Nsuku zonke siyona. UPawulu wathi wayefanele “afe nsuku zonke.” “Futhi uma sithi siyona, futhi singenasono, khona-ke,” iBhayibheli lithi, “senza uNkulunkulu aqambe amanga.” Futhi besingekwenze lokho. Ngakho-ke, sona nsuku zonke. Futhi kungumusa, umusa kaNkulunkulu, osisindisayo.

³¹ “Futhi njengoba sivuma amaphutha ethu, uNkulunkulu ulungile ukuwathethelela.” Futhi ukuvuma kwakho—kwakho, inqobo nje uma kubamba kahle, insindiso yakho iphelele. Kuyafana nangokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ukukholwa kwakho siqu eNkosini uJesu ovusiwe.

³² Ngakho-ke, kulobubusuku, ngicabange ukuthi ngizovele... Ngokuba nalesi sikhathi esincane senhlanganyelo nawe, futhi kulendawo lapha lapho wonke amabandla engakwazi khona, leliqembu elincane labantu, lingabuthanda ndawonye nje lapha edolobheni elincane lase—laseGeorgetown. Futhi, thina,

okokuqala sifuna ukubonga kuMfowethu Arganbright nalabo abenze lokhu kwenzeka. Sifuna ukubonga ibhodi lesikole ngokusivumela ukuba sibe naleli gumbi lejimu, kulobubusuku, ngalenzeka. Futhi ngifuna ukubonga wonke umfundisi olapha, nalo lonke ilunga lanoma yiliphi ibandla, noma ngabe yi-Protestane, i-Katolika, noma ngabe yi-Orthodox, i-Juda, noma kungaba yini. Siyabonga ngani ngokuba lapha, futhi sifuna nazi ukuthi asifaki intambo noma akukho okuqhaselwe engolweni yanoma ubani. Noma yini oyikholwayo, inqobo nje uma ukholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi UnguMsindisi wakho, wena ungumfowethu nodadewethu. Futhi, ngakho-ke, yileyo ndlela esikukholwa ngayo.

³³ Futhi manje sineZwi laKhe elibusisiwe lapha phambi kwethu. Manje, kukhona noma yimuphi umuntu okwaziyo uku—ukudonsela emuva lokho ngomunwe wakhe, angakuvula ngalendlela, kodwa akukho-muntu ongavula iNcwadi, ekuqondeni, ngaphandle kukaKristu qobo lwaKhe. IBhayibheli lalotshwa ngokuphefumulelwa. Ngakho-ke, singakhothamisa nje amakhanda ethu umzuzwana, ukukhuluma kuMqambi, ngaphambi kokuba sivule iNcwadi yaKhe.

³⁴ Baba wethu oseZulwini, onomusa, sihlalene lapha egameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, Owafa ngesihle ngenxa yezono neziphambeko zethu. Wafa ukuze Asisindise empilweni yesono, futhi uyosiyisa eKhaya siye eZulwini, ngolunye usuku olukhazimulayo ekuFikeni kwaKhe. Wafa, futhi, ukuze ngemivimbo yaKhe ukuthi singaphulukiswa ekuguleni kwethu. “Futhi Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Wachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaKhe. Futhi ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe,” kusho umprofethi.

³⁵ Manje, siyaKuncenga, Baba waseZulwini, ukuba ube nomusa kithi, nokuthi sinalobu busuku obubodwa nje bokubuthana lapha kulelidolobha. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa labo ababuthene nathi, ukuhlanganyela ngaseZwini. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa wonke umuntu oseBukhloneni bobuNkulunkulu, futhi. Futhi kwangathi kungaba ubusuku ukuba bukhunjulwe isikhathi eside. Kwangathi kungaba ubusuku obunjengokubuthana kwabaphostoli ezinsukwini ezedlule, lapho abantu babebuthene ndawonye, amaqembu amancane.

³⁶ Ngobunye ubusuku ngenkathi uPawulu oNgwele wayeshumayela kade kuze kube sebusuku, insizwa, siyafundiswa, yawa esitezi esiphezulu, nempilo yayo yasuswa kuyo. NoPawulu wabeka umzimba wakhe phezu komfana, noNkulunkulu wambuyisela ukuphila kwakhe.

³⁷ Siyabonga ukuba neVangeli elifanayo, kulobubusuku, ukushumayela kubantu, ukuthi uNkulunkulu usaphila futhi uyabusa. Uphulukisa abagulayo. Uthethelela zonke izono zethu. Futhi, Baba, siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzosibusisa njengabantu.

³⁸ Futhi, manje, Wena ukushilo eZwini laKho elithobekile, lokhu, “Uma nicela noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngiyoyenza.” Futhi siyakholwa ukuthi esikucelayo, siyakwamukela, ngoba kungokweZwi laKhe.

³⁹ Futhi uma sisuka lapha, kulobubusuku, ngamaqembu ehlukene, ngokuya emakhaya ethu ehlukene, Ungasivakashela ngendlela yokuthi, ukuthi sizoba nobufakazi enhliziyweni yethu; futhi ingxoxo yethu, njengoba sisuka lapha, izoba njengalabo abavela e-Emawuse ovukweni lokuqala, lapho babehlangane okokuqala neNkosi uJesu evusiwe. Bathi, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Kwangathi Ungakhuluma kuyo yonke inhliziyi kulobubusuku, ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Amen.

⁴⁰ Sivula iVangeli likaJuda oNgcwele, eBhayibhelini, okuyincwadi eyodwa kuphela, isahluko esisodwa. Futhi evesini 3 lalesisahluke, ngifisa ukufunda indikimba encane nje, ukuthola ingqikithi kuyo, ngalokho engingathanda ukukhuluma ngakho emizuzwaneni embalwa ezayo. Khona-ke sizokhulekela abagulayo.

Bathandekayo, . . .njengokuba ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngensindiso esiyihlanganyele sonke, ngacindezeleka ukunilobela, ukuba nginivuselele ukulwela inkolo . . . abayinikelwayo abangcwele kwaba kanye.

⁴¹ Futhi kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo eZwini laYo. Lokhu kwalotshwa eminyakeni engamashumi amathathu nantathu ngemva koSuku lwePhentekoste, emva kokuthululwa kukaMoya oNgcwele kwabangcwele basekuqaleni. UJuda uzibiza ngenceku, nomfowabo, kuJesu Kristu. Futhi Waloba leNcwadi eBandleni, futhi wabatshela ukuthi bafanele balwe ngobuqotho. Indawo okuwukuphela kwayo, emiBhalweni engcwele, eyake yasitshela ukuba si “lwe.” Ngoba, asifanele sibe nezingxabano phakathi kwethu. “Kodwa ukuze silwele ngobuqotho injongo, ukuKholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.” Futhi, lokho, asifanele silwe, futhi asizami ukulwa, kodwa sifuna ukubhekana nalokhu.

⁴² Uma ngifanele ngibuze, kulobubusuku, “Mangaki amaMethodisti ayesesixukwini na? Mangaki amaBaptisti ayesesixukwini na? Mangaki amaNazarene na? IPilgrim Holiness na? IKatolika na?” Kuyoba khona izandla eziphakamay. Futhi ngisho naleliqembu elincane labantu

lapha, kulobubusuku, kuyoba nezandla eziningi eziphakamayo. Futhi ngamunye wethu, emahlelweni ethu ehlukene, ubengathanda ukusho ukuthi ibandla lethu lakulwela lokho kuKholwa okwake kwanikelwa kwabangcwele. Ngizofuna ukukusho ngebandla leBaptisti, nomunye umuntu ubengathanda ukukusho ngebandla leMethodisti, omunye ngebandla eliKatolika, nomunye nge...Bekuyoba ngaleyondlela emaqenjini amancane abantu. Manje, ngifuna ukukholwa ukuthi sonke silwela lokho kuKholwa. Ngikholwa ukuthi wonke umuntu uyakulwela, ngokudlula konke kolwazi lwabo, ekuKholweni.

⁴³ Kodwa, kulokhu, ngibona amahlelo amaningi kangaka ehlukene, kuzofanele kube khona into elungile nento ethize engalungile. Manje, yileyondlela engizama ukuba yiyo, mfowethu, dadewethu, ukuthi kukhona...Awukaze uyibone indoda edakiwe futhi engadakiwe ngesikhathi esifanayo. Awukaze uyibone inyani emnyama emhlophe. Ayikho into enjalo. Futhi akukho okulungile nokungalungile kuxutshaniswe ndawonye. Kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile.

⁴⁴ Futhi yileyondlela engikholwa ngayo uNkulunkulu. Ukuba ngangingakholwa ukuthi WayenguNkulunkulu ofanayo owayephila ezinsukwini zikaMose, Wayengesuye uNkulunkulu ofanayo ukugcwalisa zonke izithembiso Azenza, khona-ke ngangengeke ngibe nokukholelwa ukuMamukela. Manje, kukhona kuphela...Lokho kunengqondo futhi kunengqondo kuphela, ukucabanga lokho.

Kungasisiza ngani kulobubusuku... .

⁴⁵ Awuzile nje ukuze ubonwe. Beningeke niphume kulemvula futhi nibuthane endaweni encane kanje, ukuze nje sibonwe. Nilapha ngenjongo eyodwa, lokho ukuthola okuthile okuhle. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonika ngamunye wenu into enhle ngempela eningasozwe nayikhohlwa. Futhi ngamunye wenu maKristu, sengathi Angaphakamisa intokozo yakho kuYe, ukukubangela ukuthi uMkhonze kangcono kunalokho oke waMkhonza kukho konke ukuphila kwakho.

⁴⁶ Manje, bekuyosiza ngani ukukhonza uNkulunkulu owakhonza uMose...uNkulunkulu uMose ayemkhonza, futhi uma Wayengeyena uNkulunkulu ofanayo namuhla na? Bekuyosiza ngani ukukhonza uNkulunkulu womlando, uma Engeyena...uma Engenamandla, futhi engasekho, futhi efile namuhla na? Ngifuna ukunibuza lowombuzo. Ubungeke ufune ukukwenza, nami beningeke. Uma ngingakwazi ukukhonza uNkulunkulu ophilayo futhi okhona lapha, ukuba angisize lapho nginesidingo, khona-ke kusizani ukukhonza uNkulunkulu na?

⁴⁷ Uma WayenguNkulunkulu, kodwa Akasuye uNkulunkulu manje; noma uma WayenguNkulunkulu wamandla, Ulahlekelwe amandla aKhe manje, kukhona into ebuthaka ngalowo

Nkulunkulu. Akunjalo lokho na? Manje sifuna ukubonisana ndawonye. Kukhona okungalungile uma kungenjalo. Uma Wayenjalo, futhi Akanjalo manje, khona-ke kukhona okungalungile ngoNkulunkulu. Uma i...Uma uNkulunkulu wayeyi—iqhawe elikhulu, elinamandla empini, futhi Wayengumphulukisi omkhulu wezifo, futhi Wayemkhulu kuzo zonke izingxenywe ezingahlukaniseki zaKhe, ezinsukwini esezadlula, futhi khona-ke Ulahlekelwe yiwo wonke amandla aKhe, futhi Akasenguye namuhla na?

⁴⁸ Nokho, iZwi laKhe lithi Usenguye namuhla, wethembisa ukuthi Uyokwenza zona impela izinto ezifanayo kuyo yonke iminyaka, aze Abuye futhi. Akunakuphikiswa, eBhayibhelini. AmaHeberu, okwesithat-... 8:13, noma 13:8, njalo, asho ukuthi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla naphakade.” Lokho ngukuthi, ofanayo emgowweni, ofanayo emandleni, ofanayo ekuvukeni, ofanayo ekubeni namandla onke, okufanayo ekubeni khona yonke indawo, okufanayo ku—ku—kukho konke. Yena u—Yena uyafana nje njengoba Wayenjalo. Futhi yonke into Ake aba yiyo, Uyiyo namuhla. UmBhalo uthi lokho kuyiqiniso. Zonke izinto zaKhe ziyafana. Manje, ngakho-ke uma thina...

⁴⁹ Ngamunye ufuna ukukukholwa lokho, kodwa nokho baMkhawula esivumwenikholo. Awu, bathi, “Ngingowebandla leBaptisti.” Ngithi iBaptisti, ngoba lelo yibandla engagcotshwa kulo. Uthi, “Mina...” Awu, amaBaptisti athi, “Awu, isivumokholo sethu siqinisele.” AmaMethodisti afuna isivumokholo sawo siqinisele. Kodwa uma sikhawula uNkulunkulu... Lesosivumokholo, anginalutho engimelene naso. Lokho kulungile. Kodwa uma sikhawula uNkulunkulu kulesosivumokholo, khona-ke sikhawula uNkulunkulu, futhi sizama ukusho ukuthi unгахamba kude *kangaka*.

⁵⁰ Mhlawumbe asinakho ukukholwa kokuhamba lapho u—Enoke ahamba khona, ngenkathi ethatha uhambo oluncane noNkulunkulu, ngenye intambama, futhi waya eKhaya naYe, ngaphandle kokufa. Futhi—futhi nokukaJoshuwa, owazungeza izindonga zaseJeriko, izikhathi eziyishumi nantathu, futhi—futhi wamemeza kakhulu futhi izindonga zawa phansi. Singahle singabi nakho ukukholwa ukumemeza sidilize izindonga, singahle singabi nakho ukukholwa ukuya eKhaya noNkulunkulu, kodwa masingami endleleni yomuntu othile onalokho kukholwa. Uma—uma kungavumelani nesivumokholo sethu, futhi banokukholwa, asiqhubeke futhi sikholwe, sithi, “INkosi ikubusise mfowethu.” Futhi siqhubeke ngqo, kungakhathaleki ukuthi ungowaliphi ibandla. Lokho akwenzi mehluko, inqobo nje uma engumKristu nekhola. Futhi, uyazi yini, mngane ongumKristu, yilokho izwe elifuna ukukubona, namuhla!

⁵¹ Ngahlela eBombay ngendiza, eNdiya, lapho nganginesixuku esikhulu kunazo zonke, sabantu abayizinkulungwane

ezingamakhulu amahlanu. Isixuku esikhulu kunazo zonke engake ngashumayela kuso, ngesikhathi esisodwa, empilweni yami, sasiseBombay. Ngenkathi ngenyukela lapho, nakhu kufika umbhishobhi webandla leMethodisti, namaningi amabandla amakhulu. Nakho kufika umbhishobhi omkhulu, umHindu, ibandla lamaHindu lapho, namanye amaningi amabandla amakhulu avelele. Bahlangana nami phandle lapho lapho izinkulungwane zabantu ziza esikhumulweni sezindiza. Futhi ngenkathi befika, futhi bangibeka phezulu eTaj Mahal Hhotela, futhi bahlangana ekamelweni elifana naleli, nabo bonke osaziwayo bedolobha, namakhosi aseNdiya nakho konke.

⁵² Futhi umbhishobhi webandla leMethodisti, wathi, “Mfowethu Branham, asikwamukeli njengesithunywa senkolo,” wathi, “ngoba asifuni ukuzwa igama ‘isithunywa senkolo.’” Wathi, “Ngoba, nina bantu eNtshonalanga, ngemfundo yenu yaseNtshonalanga, akawuqondi umBhalo ngokwazi incwadi yasempumalanga.” Futhi lokho kuyiqiniso.

⁵³ Ngayo yonke isayense yethu yezenkolo, uma uke uye eJerusalema, noma ezweni laseMpumalanga, lapho leliBhayibheli lalotshwa khona, LiyiNcwadi entsha sha kini. Imibono yethu yaseNtshonalanga ikude nezindlela zaseMpumalanga. Ungeke, ningeke niqonde imifanekiso, nokunye nokunye, ukufundisa, nize niye lapho futhi nibone lawo masiko afanayo akhona namuhla.

⁵⁴ Futhi abantu abanengi bathumele... Anginalutho olumelene namakolishi ezinkolo, nabafundi, nezindela, kanjalonjalo. Kodwa, konke lokho, abasoze bamazi uNkulunkulu. Kungukwazi kuphela ikhathekizimu, kanjalonjalo, kanjalo.

⁵⁵ Ukwazi uNkulunkulu, kungukwazi uMuntu, uKristu, qobo lwaKhe. “Futhi ukwazi Yena kungukuPhila.” Hhayi ukwazi incwadi yakho yokufunda, noma ukwazi isivumokholo sakho, noma ukwazi ikhathekizimu lakho; akusikho ukuPhila. Kungukwazi uKristu, uMuntu, ngukuPhila okuPhakade. Futhi yilokho esifisa ukukwazi.

⁵⁶ Manje, lombhishobhi wathi kimi, wathi, “Mfu. Branham, wesayense yezenkolo,” wathi, “sasineBhayibheli, iminyaka eyinkulungwane namakhulu ayisikhombisa ngaphambi kokuba nibe yisizwe.” Kunjalo.

⁵⁷ UThomasi oNgwele wehla. Futhi ngema ebandleni futhi ngashumayela lapho uThomas oNgwele, ibandla lokuqala, alimisa eNdiya, ngenkathi ehla esuka eJerusalema, eya eNdiya, futhi wamisa ibandla.

⁵⁸ Futhi wathi, “Besinalo iBhayibheli kusukela ngaleso sikhathi, futhi sibe nobuKristu kusukela ngaleso sikhathi, kodwa,” wathi, “lizezingeni eliphansi eNdiya.” Futhi wathi, “Sizwile ngoDkt. Reidhead, indoda eze kuwe.”

⁵⁹ Owayengu—ngumongameli weSudan Mishini enkulu, enkulu kunawo wonke emhlabeni, owafika kimi. Futhi wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “Ngineziqu ezanele kuze kube nginganamathisela udonga ngazo; Udokotela weSayense yezenkolo, uDok- . . . i—iziqu zeBashela, nazo zonke izinhlobo zeziqu.” Wathi, “Ngifunde kusukela ngiseneminyaka engaba yisishiyagalombili ubudala. Kodwa,” wathi, “Mfowethu Branham, uphi uKristu kukho konke na?” Wathi, “Ngabe othisha bebenephutha na?”

⁶⁰ Ngathi, “Othisha ababanga nephutha, mnumzane. Kodwa, okuyikho, ukuthi awusoze wamazazi uKristu ngesayense yezenkolo. Awusoze wamazazi uKristu ngemfundo. Ufanele umazi uKristu ngeshlakalo somuntu siqu, ukuzalwa ngokusha ngoMoya waKhe, owehlayo futhi uguqule impilo yakho futhi ukwenza isidalwa esisha kuKristu Jesu. Yilokho okwenza umehluko.” Yilokho okwenza umehluko wakho.

⁶¹ Manje, kungalesosizathu sinamahlelo amaningi kangaka ehlukenene nemicabango engenabufakazi. Onke alungile.

⁶² Kodwa, into yangempela, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wathi (kuJohane oNgcwele, iVangeli likaJohane oNgcwele, isahluko se 4; noma isahluko se 3, ngiyaxolisa), kuNikodemu, “Uma umuntu engazalwa ngokusha ngamanzi nangoMoya, akasoze angena eMbusweni,” kungenandaba ukuthi uya kuliphi ibandla. Lawo ngamaZwi kaJesu Kristu uQobo.

⁶³ Manje, *ukuzalwa*, kusho ukuba “ukhululwe.” Manje, ngaphandle uma ukhululwe nguMoya oNgcwele, empilweni yakho, ekuPhileni okusha kuKristu, khona-ke izivumokholo zethu nezinto azilungile. Kepha zinhle, zilungile, yizimfundiso zokuziphatha, nokunye nokunye, okusisizayo. Kodwa, owangempela, uKristu Jesu oqonde nawe!

⁶⁴ Futhi yilokho okwenze imihlangano yaba yilokho ebizikho namhlanje, futhi yashanela umhlaba jikelele, kungenxa yokuthi, ngomusa kaNkulunkulu, ukwethula, esixukwini esikhulu noma esincane, iNkosi uJesu evukile khona manje, inkathi yamanje, emandleni aYo afanayo Eyake yaba kuwo. Akudingekile ukuba sikuqagele.

⁶⁵ Wathi, “Mfowethu Branham, sineZwi. SineBhayibheli,” kwasho umbhishobhi, eNdiya. “Kodwa,” wathi, “esikukhathaleleyo, akuyona isayense yakho yezenkolo.” Wathi, “Esikukhathaleleyo: ingabe uNkulunkulu univakashele nina maYankee ngoMoya noma ngesipho esingenza leli Bhayibheli liphinde liphile na?” Wathi, “Siyalazi iBhayibheli.” Futhi wathi . . .

⁶⁶ Ngathi, “Awu, usanda kukuvuma ukuthi besingaLazi. Kodwa, angikwazi kahle kakhulu, kodwa ngazi uMqambi kahle kakhulu.” Futhi ngathi, “Yileyo into esemqoka.”

67 Wathi, “Yilokho esifuna ukukwazi. Ingabe unokukholwa okwanele, kuNkulunkulu, ukwenza lezi zithembiso zobuNkulunkulu Azenzile,” wathi, “ingabe unokukholwa okwanele ukuze ukwenze kube ngokoqobo na?”

Ngathi, “Ngomusa kaNkulunkulu, uNkulunkulu uzokwenza.”

68 Futhi ngaleyontambama, ngabungazwa izinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene ezaziphika ubuKristu. Abanye babo bakhonza izinsensane, nabanye babo amahhashi, abanye izinkomo, abanye uBuda, nabakaMohamede, nokunye nokunye. Futhi bonke babenesayense yabo yezenkolo. Kuhle kakhulu, yonke into kwakuyimisebenzi, okuthile ofanele ukwenze. “Yenza *lokhu*. Yenza *lokho*.” Konke kusemisebenzini; akukho umusa kukho, nhlobo.

69 Ingabe ngikhulumela phezulu kakhulu kini na? Lapho—kukhona ukuwawaza nje. Nge—ngethemba ukuthi akunjalo.

70 Kodwa, qaphelani, ngalobobusuku emgqeni womkhuleko, ngenkathi iNkosi uJesu ifika enkundleni: Lapho kubekwe amakhosi aseNdiya emicamelweni yawo, kanjalonjalo. Futhi kwaba ngaphezu kwamahora amabili, singena emgqeni okhuphukayo, ukuya lapho sasingakwazi khona ukufika endaweni yesikhulumi. Futhi ngenkathi iNkosi uJesu ikhuphuka futhi yatshela indoda, eyayiyimpumpithe ngokuphelele iminyaka engamashumi amabili; ngibona umbono phezu kwayo, futhi ngazi ukuthi yayizophulukiswa, ngabaphosela inselele bonke, ukuba beze baphulukise indoda. Kusobala, bahlala bathula. Kodwa iNkosi yethu uJesu yanika indoda ukubona kwayo. Izinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane nezinkulungwane zeza kuKristu ngesikhathi esisodwa. Nakho-ke.

71 Akukhona ukuthi izivumokholo zethu ziyasebenza yini. Ziyosebenza kahle empilweni yokuziphatha kahle. Kodwa ukukhiqiza kabusha iNkosi uJesu nesithembiso saYo, ngukuMazi, hhayi isivumokholo sakho.

72 Manje, masinya endikimbeni yethu, futhi ngizozama ukushesha nje ngangokunokwenzeka; futhi niqalise umugqa, ngoba kuphakathi neviki, nani bantu niyasebenza. Manje, futhi lalalelisani. Indikimba ithi, kulobubusuku:

Bathandekayo, . . . ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngensindiso esiyihlanganyele sonke, . . .

73 Lona nguJuda oNgcwele, manje, ebhalela iBandla, iminyaka engamashumi amathathu-nantathu emva kwePhentekoste.

. . . futhi nginivuselela ukulwela inkolo (hhayi inkolo; inkolo impela) abayinikelwayo abangcwele kwabakanye.

74 Manje, ngamunye wethu, emabandleni ethu, balungile. Futhi—futhi ngifuna ube nebandla lakho futhi usekele ibandla lakho, futhi ulisize kube inkazimulo kaNkulunkulu.

75 Kodwa manje ake sibuyele emuva futhi sithole. Manje, kuzofanele kubekhona okuthize, uma thina... Wathi, “Ulwele ngobuqotho ukuKholwa okwanikelwa kanye kongcwele,” khona-ke impela kukhona indlela ethile yokwazi ukuthi “ukuKholwa” kwakuyini. Manje ake sibuyele emuva eBhayibhelini. Ngicabanga ukuthi lokho kungaba okunengqondo, nobufakazi obanele kithi sonke, uma sibuyela emuva sibone ukuthi abangcwele... hlobo luni—luni lokuKholwa ababenalo. Futhi uma sisi “khuthazwa ukuba silwele ngobuqotho lokho kuKholwa,” sithola ukuthi hlobo luni lokuKholwa ababenalo, khona-ke besifanele sikulwele lokho kuKholwa. Ngamanye amazwi, sithi, “*Lokhu* kulungile.” Manje sizothola ukuthi kwakuyini.

76 Ngaphambi kokuba baze babizwe ngabangcwele, eBhayibhelini, babe... ETestamenteni eLisha, uJohane umBhaphathizi ungena phakathi komthetho noKristu, okwakuyisikhala, noma itshe eliyisihluthulelo elavala ngqi izimiselo zesikhathi ezimbili ndawonye.

77 Manje, sizofanele siqale ngoKristu, uma sizokhuluma ngokuKholwa kobuKristu, ngoba Uyi—isiqalo sokuKholwa kobuKristu.

78 UJohane wafika, uJohane umBhaphathizi, washumayela ehlane laseJudiya, futhi akazange enze nesisodwa isimangaliso, akazange enze nayisiphi isibonakaliso. Kodwa wavele wawalahla amabandla, futhi wabalahla abapristi norabi, kanjalonjalo. Futhi wabatshela ukuthi kwakuza Oyedwa.

79 Futhi enkonzweni yombhaphathizo, ngenkathi wayebhaphathiza, wabona uJesu eza nokuKhanya kuMlandela. Futhi wathi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe.”

80 Futhi uJesu wabhaphathizwa. UMoya oNgcwele wavela eZulwini. NePhimbo elivela kuLo, lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala.” Inguquko yokuqala ithi, “ENgithokozile ukuhlala kuye.”

81 Okungukuthi, “UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela izwe kuYe uqobo.” WayenguNkulunkulu enyameni.

82 Manje, manje ake siqaphele ukuthi hlobo luni lwempilo Alwenza. Futhi ngifuna ukunibuzisa okuthize, nina bantu, njengoba sikhuluma. Lokho Ayeyikho ngaleyonkathi, Ufanele abe yikho. Uma lokho kungukuKholwa Akwethula ezweni, lokho bekufanele kube ukuKholwa okufanele sikulwele kulobubusuku. Ingabe kunjalo na? Kunjalo. Kufanele kube njalo. Kulungile.

⁸³ Manje, siyaqaphela, kwathi nje Eseqale enkonzweni yaKhe. Sizobheka ukuthi hlobo luni lwenkonzo Ayenalo. Sizozala esahlukweni 1 sikaLuka oNgcwele, sikucaphune ngekhandu. Ungase ukufunde lapho ufisa ukukwenza. ULuka oNgcwele, isahluko 1, kufundisa ukuthi uJesu waqala ukuhambahamba, enzela abantu okuhle. Wayekhulekela abagulayo, futhi babephulukiswa. Manje, leyo ngenye yezinto Azenzayo, ukukhulekela abagulayo. Futhi ngelinye ilanga . . .

⁸⁴ Manje, lalelisisani manje, ngoba kuzo . . . Uma ningalalelisisi, ukubamba wonke amagama, kuzoba yisikhubekiso kuwe, emizuzwini engamashumi amabili noma engamashumi amathathu, lapho umugqa womkhuleko uqala. Niyabo? Manje lalelisisisa.

⁸⁵ Into yokuqala esithola uJesu eyenza, emva kokuba Esekhethe ababili noma abathathu babaphostoli baKhe . . .

⁸⁶ Futhi igama loyedwa wabo kwa—kwakunguFiliphu. Futhi uFiliphu wayeyindoda elungile, uFiliphu oNgcwele. Futhi lapho esebonile futhi wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba waMbona ekhulekela abantu nabo bephila, wahamba wazungeza, cishe amamayela angamashumi amathathu, ezungeza ngemva kwezintaba zaseJudiya, futhi wathola umngane wakhe ogama lakhe linguNathanayeli. NoNathanayeli wayengaphansi komuthi, ekhuleka. Futhi wathi, “Woza, ubone engimfumeneyo: uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

⁸⁷ Futhi wathi, “Ingabe kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?” Kwasho uNathanayeli.

Wathi, “Woza, ubone.”

⁸⁸ Manje, ngicabanga ukuthi leyo yimpendulo ezedlula zonke ukuthi noma yimuphi umuntu angayinikeza nganoma yisiphi isikhathi; ngukuthi, ngaphambi kokugxeka noma yini, woza ubone, kuqala. Kubheke, wena ngokwakho. Phila ekukhanyeni kweBhayibheli, futhi ubone ukuthi liqinisile yini.

⁸⁹ Akunandaba ukuthi kubonakala kunjani, noma ukuthi abanye bathini, inkolo kaJesu Kristu ayikaze ithandwe ngabantu. Futhi aKusoze kwathandwa ngabantu, ngoba izwe liyabazi abalo. Niyabo? Futhi awusiye owezwe, ngenkathi uba ngumKristu. Ungumuntu ohlukile, ezweni. Siyakwazi lokho. UJesu wathi, “Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi bangabi ngabezwe.” Ngakho-ke, awuyena owezwe. Izwe . . .

⁹⁰ IBhayibheli lathi, “Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu kalukho ngisho kuwe.” Lokho ngukuthi, umbhalo usho lokho.

⁹¹ Ngakho-ke, “Awukwazi ukuthanda amakhosi amabili,” UJesu wathi. “Awukwazi ukuthanda uNkulunkulu nomamona.” Igama elithi *mamona*, lihunyushiwe, lisho “izwe.” Futhi Wathi, “Kuphakathi kokuthi ukhonza eyodwa, futhi uzonde enye,”

noma ngapha nangapha. UJesu washo lokho kuMathewu oNgcwele, isahluko se 5. Awukwazi ukukhonza uNkulunkulu nezwe, ngesikhathi esifanayo. Ufanele ube oyedwa noma omunye.

⁹² Futhi Nkulunkulu yiba nomusa! Yileyo-ke indaba ngabantu bakithi namhlanje, ababizwa ngamaKristu kulesi—lesisizwe. Bazama ukuphila njengezwe, futhi bazisho ukuthi bangamaKristu. Futhi yingakho ongakholwayo, ngaphandle, enesikhathi esinzima kangaka sokunquma, yingoba ubona abantu abazibiza ngamaKristu, bephila ngokungehlukile kunalo lonke izwe. Lokho kucacile impela, kodwa lokho kuyiqiniso. Sifanele sibhekane neqiniso.

⁹³ Mhlawumbe kukhona amadoda nabesifazane abahlezi lapha, angeke ngiphinde ngikubone ngize ngikubone ekwaHlulelweni. Futhi ngi—ngifanele ngibe neqiniso futhi ngithembeke, ngoba ngifanele ngibhekane nokwaHlulelwa futhi ngihlangane namazwi ami futhi ekwaHlulelweni, ngakho-ke ngifanele ngibe neqiniso ngakho.

⁹⁴ Manje, siyaqaphela ukuthi—ukuthi uFiliphu, kwathi nje engathola uNathanayeli, wathi, “Woza, ubone engiMfumene.”

⁹⁵ Futhi uNathanayeli, eyindoda elungile, indoda ekahle, wathi, “Kungabakhona yini into enhle evela eNazaretha na?” INazaretha yayiwumuzi oluhlaza, ongolile, omubi kakhulu; imidlwembe, izigelekeqe, nokunye nokunye, owavuswa. Futhi—futhi wawunamabhendi emidlwembe, ngalezo zinsuku, ayephuma eNazaretha, umuzi ongolile kakhulu. Wathi, “Ingabe kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?”

Wathi, “Woza ubone.”

⁹⁶ Manje singahle sibuze namuhla, “Ingabe kukhona okuhle okungavela ebandleni leMethodisti na? Ingabe kukhona okuhle okungavela ebandleni leBaptisti, iPresbyterian, kumbe noma yiliphi ibandla okungaba yilo na?” Into yokuqala okumele uyenze ngukuza ubone. Thola.

⁹⁷ Manje kuhlole, hhayi ngesiko lakho, hhayi ngekhathekizimu, hhayi ngokukodwa . . . Kuhlole ngeZwi likaNkulunkulu.

⁹⁸ Ngokuba, iBhayibheli lasho, ukuthi, “Oyosusa, noma enezele kukho, noma yini ekuleNcwadi, UNkulunkulu uzokhipha igama lakhe eNcwadini yokuPhila.” ISambulo, isahluko sa 21, sithi Uyokwenza lokho; noma, isahluko sa 22, njalo, senchwadi yokugcina yeBhayibheli. Wathi, “Uma noma ubani . . .” UNkulunkulu uqobo lwaKhe, ekhuluma nombhali, wathi, “Uma noma ubani engeza igama elilodwa kuleNcwadi, noma asuse izwi elilodwa kuYo, UNkulunkulu uzokhipha igama lakhe eNcwadini yokuPhila. Futhi uzobhujiswa.” Ngakho-ke sifanele sihlale ncamashi nalokho imiBhalo ezokusho.

⁹⁹ Manje, ngenkathi ethola uNathanayeli, futhi yena—yena wathi, “Woza, ubone,” ngakho-ke wamlandela.

¹⁰⁰ Manje ake sibheke ukuthi uJesu wayehlobo luni lomuntu. Manje, uma besifuna ukuthola uJesu kulobubusuku, uma sihambile . . . Uma umuntu othile esitshelile ukuthi uJesu Kristu wayeseGeorgetown, e-Indiana, ini . . . futhi Wayesenyameni yomuntu njengoba sinjalo, kulobubusuku, hlobo luni lomuntu ebesingafuna ukuluthola na? Manje, lokhu kungase kushaqise.

¹⁰¹ Kodwa, sifika ekutholeni indoda ebinyogqoka ihluke kancane kunanoma yimaphi amanye amadoda na? Besingeke sifune uJesu, noma besingeke siMthole, ngoba Wayegqoka njengabanye abantu. Kwakungekho mehluko engubeni yaKhe.

¹⁰² Besizothola amadoda aye—ayeyizikhulumi ezinamandla kakhulu na? Izikhulumi ezinamandla kakhulu na? Qhabo. IBhayibheli lathi, “IPhimbo laKhe aliyikuzwakala ngisho nasesitaladini.”

¹⁰³ Besizothola indoda eyango—oqhoshayo omkhulu webandla lakhe elikhulu futhi *kanjalo* na? Qhabo, mnumzane. IBhayibheli lakhuluma okwehluke kakhulu ngaYe. Lathi, “WayenguMuntu wosizi, futhi—futhi ejwayelene nosizi.” Wayengeyena umuntu omkhulu eqhubekela phambili, noma ohamba phambili. WayeyiNdoda ezithobile. Futhi Wayeyiyo. Futhi Wahamba . . .

¹⁰⁴ BesingaMthola phakathi kwabantu abacebile na? Akazange ahlale nabantu abacebile. BaMtholaphi na? Ubuyomthola phakathi kwabampofu. Wehla ngomfula wase ethola abadobi.

¹⁰⁵ Cabanga ngebandla elikhulu le-Orthodox, nabo bonke abapristi babo abakhulukazi nabapristi abakhulu, nobukhazikhazi babo obukhulu nenkazimulo, ngalolosuku. Futhi akukho nesisodwa isikhathi lapho noma yimuphi umphostoli nanoma yiyiphi indoda kaNkulunkulu eke ikuvakashela, noma ikwemukele. Lapho uNkulunkulu ethumela iNdodana yaKhe, WaYithumela kude nakho. Futhi Wabatshela ngokuqinile ukuthi babesekuzenziseni, futhi wabatshela ukuthi babebabi kangakanani, nakho konke. Futhi basho, ukuthi, “Unodeveli, ngoba Akakholelwa ngisho nasebandleni lethu.” Niyabo? Futhi babeyibandla losuku. Ngakho-ke, niyabo, ungeke uhambe ngebandla. Ufanele uhambe ngoNkulunkulu. Yilapho one . . . futhi ngoKristu.

¹⁰⁶ Manje, ngenkathi uNathanayeli ekhuphuka emgwaqeni, manje sizobona ukuthi watholani. Wathola uMuntu emi lapho, enza into ephambene nalokho ibandla elalikufundisa. Ibandla lalifundisa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlulile. Kodwa nangu uJesu wayemi lapho, enza . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁰⁷ Phakamisa isandla sakho, noma yikuphi esakhiweni. Angikhathali ukuthi ukuphi. Vele uphakamise isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, ngalokhu, ngifuna Ungiphulukise,

Nkulunkulu.” Kunjalo. Kuthi ukuba okuvamile nje, yonke indawo. Ngizokutshela ukuthi wenzeni.

¹⁰⁸ Nginitshelile ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ulapha ngesimo sikaMoya kaNkulunkulu. Ingabe kunjalo na? Mangaki amaKristu akukholwayo lokho na? Ake sibone isandla sakho. Lokho kuhle. Manje-ke, uma Elapha, futhi UyiNkosi uJesu efanayo, khona-ke Une. . . Ubophezelekile ukuba enze into efanayo. Ingabe kunjalo na?

¹⁰⁹ Manje, Wathi Wayengenakuphulukisa. UBaba waMkhombisa, futhi Wenza lokho uBaba ayekusho. Ingabe kunjalo na?

¹¹⁰ Manje, emi emgqeni, ngiyamazi lona wesifazane wokuqala omi lapha. Futhi manje angazi noma kukhona omunye umuntu engimaziyo noma qhabo. Ngilibonile lelonenekazi, cishe elesibili noma lesithathu ukusuka ngemuva lapho. Ngilibonile. Angazi ukuthi igama lalo ngubani, kodwa ngilibonile. Ngicabanga ukuthi cishe yilabo kuphela e—e—e engimaziyo. Futhi cishe yilabo kuphela e—engibaziyo. Kulungile.

Manje ake sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana ngomkhuleko.

¹¹¹ Manje, Baba waseZulwini, lona ngumzuzwana. Ngikhulumile, konke ukwazi kwami, ngaWe. Manje, Nkosi Jesu ethandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzongisiza, Wena uyazi ukuthi angazi lutho ngalababantu. Ngezinye izikhathi ngiyakwazi okwabo. . . bangobani. Angizazi izinkathazo zabo. Wena uyazazi. Ungasho noma yini oyifisayo, futhi ngiyazithoba futhi ngizithoba kuWe, ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu uzoza kulobubusuku futhi uthathe le empofu, indoda engafanelekile, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, futhi agcobe. Futhi ungangivumeli ngikhulume, izindebe zami uqobo, kodwa makukhulume uMoya oNgcwele futhi wenze imisebenzi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu athi Wayeyoyenza ngabantu baKhe, kuyo yonke iminyaka. Ngikhuleka lesi sibusiso eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹¹² Manje, ngizonicela into eyodwa. Uma nizoma ngenhlonipho yokuzithoba, futhi nizithobe, futhi ningangabazi, futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyu yenu, khona-ke iNkosi uNkulunkulu weZulu akungabazeki ukuthi iyowuphulukisa umzimba wakho futhi ikwenze uphile.

Manje, ukukholwa kwakho. Akusikho. . . Niyabo? Manje yilokhu-ke.

¹¹³ Manje naku kumi inenekazi, ngi—ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi ungubani owesifazane. Angiqinisekile, kodwa ngikholwa ukuthi ngiyamazi ukuthi ungubani. Futhi ngi—ngi—ngi. . .

¹¹⁴ Ingabe kunjalo, angikwazi, nenekazi na? E-hhe. Kulungile, mnumzane. Ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi ungubani.

Yilokho-ke. Kulungile. Manje, uma ubungeza lapha umzuzu nje. Manje, futhi ukwazi igama lakho, hhayi ukwazi wena. . . Ingabe igama lakho uSeduf, noma into efana naleyo na? [Udade uthi, “Qhabo, igama likadadewethu yilo.”—Umhl.] O, ya, udadewenu lowo. [“Wangazi ngisenguWilson.”] Ubunguye, ngi—ngiyakholwa, bengingakwazi ngenkathi ngangisebenzela iNkampani Yemisebenzi Yomphakathi, noma okuthize na? [“Yebo.”] Kunjalo. Ngibubonile ubuso bakho ndawana thize. Ngi—ngikwazile. Bengicabanga ukuthi igama lakho bekunguSeduf, kodwa, uSeduf ngudadewenu. Ingabe kunjalo na? [“Yebo.”] Futhi igama lakho kwakunguWilson.

¹¹⁵ Awu, ngiyajabula ukukubona futhi, dadewethu. Manje iNkosi ikubusise.

¹¹⁶ Manje, mina, njengomfowenu kuKristu, niyazi ukuthi angazi ukuthi nizeleni lapha, ngiyazi na? [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] A—a—angazi. Qhabo, memu. Kuyi—kuyimfihlakalo kimi, ukuthi angazi. Manje, uma iNkosi uJesu izongazisa ukuthi uzele ini lapha, nalokho okufunayo kuYe, uma Ezozenza Yena uqobo ukuthi abe neqiniso kakhulu ukuthi—ukuthi Uzokumemezela lokho okufunayo, khona-ke uzokwamukela njengokucela kuYe na? [“Yebo.”] Uzokwenza. Kulungile.

¹¹⁷ Manje izethameli zibamba izwi lakhe, futhi nibona iziqophi zihamba. Yileyo indlela. Manje qaphelani. Manje, uma Ekhuluma noma yini ukutshela lona wesifazane, ukuthi uzeleni lapha, bekungebe nguMoya ofanayo owakhuluma kowesifazane emthonjeni, owayazi ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi na? Bekungebe okulungile lokho na? Niyabo? Manje, lokho, khona-ke, ukukholwa kwakhe kulokho okwenziwayo, kuzonquma ukuphulukiswa kwakhe.

¹¹⁸ Manje kini ezethameli, ongenawo amakhadi omkhuleko, ukholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uJesu Kristu ulapha ukuzokuphulukisa, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungeke udingeke ukuba ube kulomugqa womkhuleko. Ngokuqinisekile ngeke. Okuwukuphela kwento ofanele uyenze ukuba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹¹⁹ Manje ngizokubuza, kungukuthi kukhona isithuthwane esikhona. . . Futhi noma ubani oke waba semihlanganweni, uyazi ukuthi isithuthwane senzani. Siyaqhubeka ngesinye isikhathi. Ngakho-ke, manje, hloniphani ngokuzithoba nje, hlalani nithule. Kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, wena hlala uthule. Niyabo? Futhi kholwa nje eNkosini uJesu futhi ukhuleke. Cela uBaba waseZulwini ukuthi abe nomusa. Kodwa, manje, uma ungongakholwayo, ngeke ngihlale, niyabo. Ngakho-ke, manje, lokhu akusikho ukudlala isonto. Lokhu ngamaqiniso. Sibhekene nezinto. Ukube benginemizuzwana embalwa emide nje, noma obunye ubusuku, ukuthi benginganichazela ukuthi

lezi zinto ziyini, ukuthi beningabona ngempela ukuthi ziyini ngempela ngamagama angokomBhalo, (banikeze amagama ezokwelapha), kodwa lokho eziyikho ngempela emehlweni eBhayibheli.

¹²⁰ Manje, udade lapha umi phambi kwami. Manje, akusikho ukufunda ingqondo. Qhabo, mnumzane. Ngiyakuzwa, kuzwa. Wena, manje, wena—wena awukwazanga ukufihla impilo yakho manje uma ubufanele. Niyabo, uMoya waKhe ulapha manje.

¹²¹ Bangaki abake basibona isithombe saWo, lapho abaKuthatha khona na? Futhi KuseWashington, DC, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwethulwa, singafakazelwa, emhlabeni. Banezindaba eziyinganekwane zamadoda ehlathini, nakho konke kanjalo, kodwa kuhlale kufakazelwa ukuthi kuyiphutha. Niyabo? Kodwa bakuthatha Lokhu, futhi abaningi benu lapha babekhona ngenkathi Kushuthwa.

¹²² Emavikini ambalwa edlule, ikhamera yaseJalimane yaKushutha, eJalimane, izikhathi ezintathu ezehlukene. Futhi yilokho okubona esithombeni, kulapha manje emsamo. Kunjalo impela.

¹²³ Manje hloniphani ngokuzithoba. Unganyakazi. Gcina abantwana bakho beseduze nawe. Futhi yiba semkhulekweni, futhi ubone ukuthi uMoya oNgcwele uzosenzela ini, kulobubusuku. Futhi uma . . .

¹²⁴ Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu akubusise; futhi ngesinye isikhathi, emhlabeni, sizophinde sihlangane futhi. Ngikhulekele, njengoba siya emasimini ngemva kwalenkonzo, emasimini phandle ngaleya, emihlanganweni emikhulu, ukukhulekela abagulayo.

¹²⁵ Futhi hloniphani ngokuzithoba, wonke umuntu, ngiyanicela, ngoba siseBukhoneni bukaNkulunkulu usomandla, uMoya oNgcwele osuseduze manje.

¹²⁶ Nkk., belingubani igama lakho manje, Wilson na? [Udade uthi, “Cobb, manje.”—Umhl.] Nkk. Cobb. Nkk. Cobb, uma—uma uMoya oNgcwele ekhona manje, Uzongazisa okuthile ngempilo yakho, lokho kungase kukunike isikhuthazo sokukukhuphulela endaweni ukuze kukwenze ukholwe eNkosini uJesu ngokuphulukiswa kwakho. Noma, angazi ukuthi uzele ini lapha. Kungase kube izinkathazo zezezimali. Kungase kube okwasekhaya. Angazi. Kodwa, Yena uyazi, akazi Yena na? [“Yebo, Uyazi.”]

¹²⁷ Ngibona into eyodwa oyizele lapha, yingenxa yokuthi uhlushwa yisimo sokwethuka. Unokwethuka kakhulu, ucasukile. Enye into, unoku—ukukhwehlela kokuphathwa yisifuba okukukhathazayo. Akunjalo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kunjalo. Kulungile.

128 Manje, uyakholwa ukuthi konke kuhamba kahle ngawe manje na? Usuphulukisiwe manje. Ungaya ekhaya. UJesu Kristu, ukukholwa kwakho, kukusindisile. Hamba futhi ube semkhulekweni.

129 Baba waseZulwini onomusa, eGameni leNkosi uJesu Kristu, siyambusisa lo, udadewethu othandekayo, futhi sicela ukuthi Ube nomusa kuye, eGameni likaJesu. Amen.

130 Woza, mnumzane. Unjani mnumzane na? Uyakholelwa eNkosini uJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane, ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Ulapha ukuba akusindise na? [“Yebo ngiyakholwa.”] E-hhe. Uyakholwa na? [“Ngiyakwazi.”] Uyazi ukuthi Ulapha ukukwenza usinde.

131 Ingabe leyo bekuyinenekazi elisanda kukhulekelwa na? Ubuyinenekazi lapho na? E-hhe.

132 Unenkathazo ngohlangothi lwakho, uhlezi lapho eduze kwakhe, awunjalo yini, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa futhi akuphulukise na? Lapho edlula eduze kwakho ngaleso sikhathi, ube nomuzwa oxakile, awubanga njalo na? Lowo bekunguMoya oNgcwele. Ubunenkathazo ngohlangothi lwakho. Manje, akusekho kuwe manje, mnumzane. Ukukholwa kwakho kukuphulukisile. Ingabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Kunjalo. Kulungile, mnumzane.

133 Angiyazi le ndoda. Angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa uJesu Kristu uyiphulukisile. Ngokufanayo nje njengoba ukukholwa kwakhe kuthinte iNkosi uJesu, ezinsukwini esezadlula, owesifazane onompho, kunjalo nokukholwa kwendoda kuthintile ngaleso sikhathi. Awudingeki ukuba . . .

134 Ucabangani, nenekazi elincane umi lapho emgqeni womkhuleko, nejazi ehloambe lakho na? [Udade uthi, “Iqiniso Kuphela.”—Umhl.] E-hhe. Ya. [“Okushilo kuliQiniso. Ngikholwa yilo lonke izwi laLo.”] UNkulunlulu akubusise.

135 Lelonenekazi emva kwakho lapho, liphakamise isandla salo, *kanje*. E-hhe. Ubungathanda ukuphuma ekuhlinzweni, ubungeke na? Ucabanga ukuthi lelothumba, uNkulunkulu angalisusa kuwe, ngaphandle kokuhlinzwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa na? Unethumba, awunjalo na? Futhi kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa ngaphandle kokuhlinzwa na? Uyakholwa na? Uzomemukela uJesu khona manje, njengomphulukisi wakho na? Uzokwenza na?

136 Baba waseZulwini onomusa, ubuso bowesifazane bushayiwe lapha, futhi ngibone umbono phambi kwakhe, nodokotela ehlela leyondawo ukuze ahlinzwe. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzophulukisa

owesifazane ngaphandle kokuhlinzwa, ngenxa yeNkazimulo yaKho. Amen.

137 Ungahlala esihlalweni sakho manje. Ngeke kudingeke ukuthi uze emgqeni womkhuleko. Ukukholwa kwakho kuyakuphulukisa. UNkulunkulu akubusise.

138 Niyayikholwa iNkosi uJesu na? “Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka.”

139 Nenekazi, elimile; uphuke ingalo yakho. Ulimaze ingalo yakho lapho, akunjalo, nenekazi na? E-hhe. UngowaseCorydon, akusiwe wena na? Unomuntu ohamba nawe, nihambisana, abazanga na?

140 Yena uhlushwa yisimo sokwethuka. Akunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Manje ungaphuma futhi ubuyele emuva, uphulukiswe, futhi, nenekazi. Amen.

141 Ukukholwa kwakho. Yikhona. Lokho, manje, yilokho engikhuluma ngakho, uMoya oNgcwele.

142 Mnumzane? Ubungakholwa ukuthi inkathazo yenhliziyi yakho ikushiyele, futhi ubuzosinda na? Uyakholwa na? [Umfowethu uthi, “Ya. Ngiyakholwa.”—Umhl.] Kulungile, mnumzane, khona-ke unгахamba. Amen.

143 Ake sithi, “Makabongwe uNkulunkulu.” [Ibandla lithi, “Makabongwe uNkulunkulu.”—Umhl.] Sonke asikhuleke.

144 Inenekazi liza, unjani na? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Ingabe siyizo, nenekazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe. Nje njenge. . . iNkosi yethu Eyama emthonjeni futhi yakhuluma kowesifazane. Futhi yathi, owesifazane wathi. . . Wathi, “Ngiphuzise.” Wayefuna ukubamba ingxoxo naye. Manje, lesi kuyisikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlngane empilweni, yindoda nowesifazane futhi, akunjalo lokho na? Awu, khona-ke, uma uJesu Kristu evukile kwabafileyo, futhi Wethembisa ukuthi Uyoba nathi, kithi, kuze kube sekupheleni kwezwe, futhi sizokwenza izinto ezifanayo Azenza, bekuzofanele kube uhlobo olufanayo lwento.

145 Khona-ke, uma uJesu ubemi lapha futhi Egqoke lesudu Angipha yona, into kuphela Ayengayenza, kuze kube manje. . . uma ugula futhi udinga ukuphulukiswa, Ubeyokutshela, “Ngakwenza lokho eKalvari, mntwana. Ungakukholwa manje na?” Kodwa, manje, Angakutshela okuthize, mhlawumbe lokho okungalungile ngawe, noma okuthize, isizathu sokuthi ungaphulukiswa. Kodwa, mina, ngiyisihambi kuwe, kuzoba yinto efanayo nje. Akunjalo lokho na?

146 Manje, wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela manje. Khumbulani, niseBukhoneni beNkosi. Futhi lona impela

iVangeli enginifundele lona, kulobubusuku, niyaLibona liphila kabusha. Niyabo?

¹⁴⁷ Angikaze ngimbone owesifazane. Angazi lutho ngaye, angikaze ngimbone empilweni yami. UNkulunkulu uyamazi; angimazi. Kodwa, manje ngizokhuluma naye, ukuze ngixhumane nomphfumulo wakhe.

¹⁴⁸ Ugcobo olulapha nami manje yileyoNgelosi yeNkosi, iNsika yoMlilo eyayilandela abantwana bakwa-Israyeli, okwakunguKristu esimweni sikaMoya; wehla, wenziwa inyama; wabuyela kuBaba; wabuya futhi ukuzohlala eBandleni laKhe, into efanayo. Hhayi mina; nguYe.

¹⁴⁹ Angimazi owesifazane, angazi lutho ngaye; nginemfundo yebanga lesikhombisa. Bhekani abantu, wena uthi . . .

¹⁵⁰ Awu, phandle lapho ezethamelini, baya—bayaphulukiswa. Behleli nje ezethamelini, bemi noma kuphi lapho bengase babe khona. UNkulunkulu ulapha ukuzophulukisa, yilokho kuphela, uma ungakholwa.

¹⁵¹ Ngibona umntwana ohluphekayo, kodwa angikwazi ukusho ukuthi uphulukisiwe; angikazi okwamanje. Uma uqhubeka nokukhuleka, mama, ukholwa ngenhliziyo yakho yonke.

¹⁵² Manje, kuwe futhi, dade, ukukhuluma nawe. Manje, bekunendlala enhliziyweni yakho, isikhathi eside. Leyo ndlala iwukuphila okuseduze noNkulunkulu. Uzame lokho kakhulu; zama futhi wehluleke; zama futhi wehluleke. Akunjalo lokho na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] E-hhe. Ukwehla nokwenyuka empilweni.

¹⁵³ Lapha esikhathini esedlule, ubukhuleka ndawana thize, ngoba ububhekene nento enzima, njengokuhlinzwa noma okuthize. Yebo kunjalo. ngiyakubona. Udokotela, usehlolile. Unokuthile e . . . Umlenze wakho. Kusemlenzeni wakho wesokudla, inkathazo ozohlinzwa kuyo. Wenze isithembiso, uma uNkulunkulu engakuvumela ukuba uphile, ukuthi uzoMkhonza futhi uhambe impilo esondele. Angifundi yona ingqondo yakho. Lokho yiqiniso, akunjalo na? [Udade uthi, “Ngiyakukholwa.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Uma wena . . . Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho.

¹⁵⁴ Manje, kukhona Into ethize lapha oyaziyo. Ngifuna ukukubuza okuthize. EBukhoneni lapho esimi khona manje, futhi ukuze izethameli zingahle zazi, kukhona umuzwa onawo manje, ongakaze ube nawo ngaphambilini empilweni yakho. [Udade uthi, “Kunjalo. Futhi angikwazi ukukuchazela muntu.”—Umhl.] Kunjalo. Yingoba lokho kuKhanya, uMoya oNgwele uphakathi kwakho nami; futhi buyela emuva nje, ngisho nasentombazaneni encane. [“Futhi ngaphambili, ngimi kulayini, ngizizwe sengathi ngivele nje. . . Ngingezwa umuzwa engingakwazi ukuwuchazela muntu.”] Bezwa into efanayo, khona lapho ngasemgqeni lapho manje. Niyabo? Lapha,

kuseBukhoneni beNto ethize izwe elingayazi. Woza lapha, ukuthi ngingahle ngicele uNkulunkulu ukuba akubusise, dade.

¹⁵⁵ Nonke, niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu manje na? Niyakholwa na? Ingabe niyakholwa na? Uma nikholwa, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁵⁶ Baba waseZulwini onomusa, lo dadewethu othandekayo umi lapha eswele. Konke kusebenzelana kube ngokuhle kwabaKuthandayo. Futhi umi lapha, eswele. Futhi ufuna ukusinda. Futhi lesi yisikhathi. Ngiyakhuleka, ukuthi kulomzuzu nje, Baba, ukuthi Uzosusa bonke ubuthakathaka bakhe, mhlanze kukho konke okungafani naWe. Futhi ngiyacela, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi Uzomthethelela zonke izono neziphambeko zakhe, futhi umngenise eMbusweni waKho, kulobubusuku, njengengane esanda kuzalwa, futhi uphulukise umzimba wakhe. NgeGama likaJesu Kristu, iNdodana yaKho ethandekayo, ngiyakucela. Amen.

¹⁵⁷ UNkulunkulu akubusise, dade. Hamba, uthokoza futhi ujabule, uNkulunkulu enawe.

¹⁵⁸ Unjani, nenekazi na? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, futhi. Asazani. Kodwa uma—uma uJesu evukile kwabafileyo, njengoba ngisho ukuthi Uvukile, futhi ngikhuluma ukuthi Uvukile, futhi Uzobe emi lapha nathi, mina nawe; bese-ke mina ngikhuluma nawe, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, futhi Uyakwazi...Futhi ngeZwi laKhe Wethembisa ukuthi Uyozembula lezizinto, futhi sizokwenza izinto ezifanayo Azenza, ngoba Uyoba...Wathi, “Ngizoba nani, kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

¹⁵⁹ Manje unganyakaziswa ngoba uzwa oxakile kancane, kodwa umuzwa okhazimulayo. Kodwa awunjalo nje...Akusiye umfowenu lowo. Lowo nguYe, iNkosi yakho—yakho, hhayi mina. Yena!

¹⁶⁰ Manje, inenekazi liyizihambi. Hloniphani ngokuzithoba ngempela, bantu; nihloniphe ngokuzithoba ngempela, ngiyacela. Niyabo? Angimazi. UNkulunkulu uyamazi. Angibazi abantu, kodwa niyokwazi ukuthi kukhona okuthile lapha okwenza umsebenzi weNkosi, ngendlela iBhayibheli elathi kuyoba ngayo. Uma... Niyakukholwa lokho manje na? Niyabo? Awu, kuyini na? YiNkosi uJesu. Niyabo?

¹⁶¹ Manje ngifuna nje ukukhuluma naye futhi, ngoba ngi—ngiyambona owesifazane manje njengoba esuka kimi. Yebo, owesifazane ukhathazeke kakhulu ngakho. O, ube nokuhluleka kwemizwa, bekukubi kakhulu, futhi waba nokuquleka. Wena usahlushwa yikho. Lelo yiqiniso. Akusilo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uma kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho.

¹⁶² Ube nemizwa exakile ngempela ehamba kuwe, ngaso sonke isikhathi. Futhi ikakhulukazi sekuleyithi ngempela kusihlwa, uthola umuzwa oyingqaba ngempela. Akunjalo na?

Bese-ke ngikubona uhlezi phansi esihlalweni, okuthi akube leyithi kusihlwa, futhi. Uyakhathala; awukwazi ukwenza umsebenzi wakho. Futhi—futhi akunjalo lokho na? Kubangela ngisho nesimo sesisu kuwe, kanjalo, ama-asidi nezinto, uma uphuza ikhofi noma enye into kulowo mugqa. Ubhodla ama-asidi, esiswini sakho, kanjalonjalo. Kunjalo. Ngikubona usuka etafuleni lapho kukhona into enjalo iqhubeka, ngasefasiteleni, eduze kwefasitela. Ingabe kuyiqiniso lokho na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso.

¹⁶³ Manje, iNto ethile lapha eyaziyo impilo yakho, akunjalo na? Nginithelile, eBhayibhelini, ukuthi uJesu Kristu wenza into efanayo, futhi wethembisa ukuthi sizokwenza into efanayo. Uyakholwa ukuthi nguYe na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngibona ithunzi elimnyama ngempela likulandela, futhi, elingudeveli. Futhi uye wacishe wakulinga ukuba uzibulale, ngesinye isikhathi, ekutshela ukuthi wawu—waweqe umugqa wokuhlukanisa, ukuthi wawungeke neze usindiswe. Ingabe kunjalo, yilokho na? [“Yebo.”]

¹⁶⁴ Niyakholwa, phandle lapho ezethamelini manje, ngayo yonke inhliziyu yenu na? Niyabo? Kuphelele. Kuyiqiniso. YiNkosi uJesu. Angiwazi umbono wenu. Ngiyazi abanye benu bayazibuzisa, ngoba awukwazi ukufihla impilo yakho manje. Niyabo? Uyazi ukuthi ngingekwazi ukukwenzela lutho, kodwa ubungeke—ubungeke ukufihle ukuphila kwakho uma ubufanele, khona manje. UseBukhoneni baKhe.

¹⁶⁵ Manje, dade, uma ngingakwazi, ngomusa kaNkulunkulu, ngingakwenza kukushiye manje. Futhi uma...Ubulokhu uzibuza, isikhathi sokukhululeka, noma kanjani. Manje, Yena uzokwenza, uma uzoMkholwa? Ingabe uzoMkholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngizoba nomkhuleko. UyaMkholwa.

¹⁶⁶ Manje, bheka. Cishe awukaze usondele neze ekuphileni kwakho njengoba unjalo manje. Manje, ukuze izethameli zizokwazi, nomngane wakho. Lapho omi khona manje, ozithobile ngempela, umuzwa omnandi okuzungezile, (akunjalo lokho na?) njengeNto ethize eseduze. Hhayi umfowenu; kodwa iNto ethize engaphezu kwemvelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? YiNgelosi yeNkosi. Niyabo? Manje ngiphila kwelinye izinga, niyabo, ezweni lomoya. Manje ngifuna ukunikhulekela ngenkathi lolugcobo.

¹⁶⁷ Manje, yona impela iNto elapha, eyazi impilo yakho, ngiyayibona ibuyela emuva le entombazaneni encane. Ngikubona njengentombazane encane. Ububalekela okuthize. Ku—bekuyinto ethize ekujahayo. Bekuyinja. Bekubonakala sengathi ubuvela esikoleni noma okuthize, le, kudala. Kukuthusile. Ubulokhu unokwethuka, kanjalo, impilo yakho yonke. Lokho kuyiqiniso. Akunjalo na? Niyabo? Bavele. . . uma ngikhuluma nawe kakhulu, nombono uzokhombisa kakhulu.

Manje, ngenxa yalaba abanye, asikhuleke.

¹⁶⁸ Nkulunkulu othandekayo, Mqalisi wokuPhila, Nkosi Jesu, Oyosahlulela sonke ekuFikeni kwaKho; sazi ukuthi singabantu ababoshelwe ePhakadeni, futhi siyodingeka sihlangane naWe ngolunye usuku. Ngimi lapha eBukhoneni baKho, futhi ngazi lokho khona manje, lapha emsamo, nguMoya owavusa uJesu Kristu kwabafuleyo, futhi uqinisekisa lonke iZwi.

¹⁶⁹ Baba, Wena uyathandeka kakhulu, ngoba Wena—Wena ubonakalisa lezo zinto eziyiqiniso. Ukhuluma ngeqiniso. Futhi inenekazi limi lapha, elihlushwa umoya omubi ozama ukulenza lizibulale futhi lenze izinto ngokungalungile. Kodwa Wena ulapha ukususa lokhu, Baba. Futhi ngikhuleka ngokweZwi laKho, elathi, “Cela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyokwenza.” Futhi ngiyazi ukuthi iZwi laKho liyiqiniso.

¹⁷⁰ Ngakho-ke, Sathane, wena omubi ohlukumeze udadewethu, Ngiyakuyala eGameni likaJesu Kristu, uNkulunkulu ophilayo, phuma kowesifazane.

¹⁷¹ Manje bheka ngalendlela. Manje kukhona okwenzekile kuwe. Uyakhala izinyembezi. Awuzizwa njengoba wenzile, uyazizwa na? Uzizwa ujabule manje, uzizwa ukahle. Ingabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho lapha, kubantu, ukuze . . . Futhi uyahamba, ukholwa ukuthi uzophila, futhi uye ekhaya futhi ukhonze iNkosi na? Kulungile. Manje, gijima, jabula ngempela nje. Ngeke kuseza kuwe.

Ake sithi, “Makabongwe uNkulunkulu,” njengoba thina . . . Niyabo?

¹⁷² Kulungile, ungeza. Dadewethu, ngiyisihambi kuwe, ukuze abantu bangacabangi manje lokho . . .

¹⁷³ Uyazi ukuthi u “kufunda ingqondo” kuyini. Yilokho okusemqondweni womunye umuntu. Angikwazi ukukukhetha; futhi uma kwenzeka, ngizokubiza njengoba unjalo. Ngakho-ke, uphakathi lapho, kulokhu kuza emsamo kimi. Futhi ngicabanga ukuthi ngabefundisi basesontweni, ngoba ngibone umsamo phambi kwami.

¹⁷⁴ Ngifuna nje ubeke isandla sakho kwesami, dadewethu, njengendlela yokuxhumana. Angikwazi. Angikaze ngikubone, futhi angikubuki. Ngibuka phandle lapha ezithamelini. Uma uNkulunkulu usomandla ezongembulela, ngombono, njengoba ngibuka *ngapha*, ukuthi iyini inkathazo yakho, ungavuma futhi ukhulume iqiniso, noma kulungile noma qhabo na? Uma uthanda, phakamisa isandla sakho. Manje kwangathi iNkosi uJesu ingakupha njengoba ngikhuleka. Uma uzobeka isandla sakho emuva kwesami, ngendlela nje, okwendawo yokuxhumana. IBhayibheli lathi, “Ukubeka izandla phezu kwabagulayo.”

175 Yebo, dade, unenkathazo yowesifazane. Yinkathazo yamanenekazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje uyakholwa ukuthi kuwukufunda ingqondo na? Lokho kuyenzeka. Wayesendlini yokugezela. Okungukuthi, bekungeke kulunge ukutshela izethameli ezixubene kanje. Inenekazi liyazi ukuthini; yisitamkoko. Kunjalo. Akunjalo, nenekazi na? Kunjalo. Niyabo? Yiqiniso lelo.

176 Manje, nguNkulunkulu kuphela ongamuphulukisa. Angikwazi ukumphulukisa. Ngempela qhabo. Angiyena umphulukisi. Ngiyincek uyaKhe, isitsha nje lapho uMoya oNgewele eza khona.

177 Njengalokhu *lapha*, lesi isipikha. *Lesi* akusona isipikha, lelo ngelithule, ipulpiti. Lesi isipika; enye indoda yenza lokhu isipikha. Enye indoda yenza lokhu i—ipulpiti. Enye indoda yakwenza umshumayeli, enye... Ngiqonde ukuthi, iNkosi. angiqondile... Uxolo, bafowethu. Bengingaqondile ukuthi indoda ethile ikwenze umshumayeli. Bengingaqondile lokho ngalokhu kuqonda, ngaleyo ndlela. Bengithi ndoda... .

178 Futhi, lokhu, kuwuhlobo lokuthi wena u—wena usebenza emihlabeni emibili. Ulapha komunye umhlaba; lapho lokho kuphuma, bese-ke ungena bese ubona ukuthi yini emi lapha emsamo lapha, iziNgelosi zikaNkulunkulu, nakho konke. Futhi ubona izinto ezesabekayo ezenzekayo. Khona-ke wena u—wena uyazibuza ngezinye izikhathi, yingakho ngithe... .

179 Ngenkathi uNkulunkulu ekubiza futhi ekwenza umfundisi, uNkulunkulu wangibiza futhi wangenza umboni, njengoba Ethembisa eBhayibhelini. IBhayibheli lathi, “Wena u...” NeBhayibheli lathi, e... EZenzweni, isahluko 2, “Ezinsukwini zokugcina,” lokho yilezi zinsuku, “kuyokwenzeka ukuthi Ngiyothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; nezinsizwa zenu ziyobona imibono.” Ingabe kunjalo na? “Profetha.” Ingabe kunjalo na? Liyovusa abaprofethi ngezinsuku zokugcina, futhi libonise imibono nezibonakaliso. Ingabe yilokho okwashiwo iBhayibheli na? Awu, yilokho nje Akusho.

180 Manje, dade, hamba, ukholwa, unokukholwa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi uNkulunkulu uzokuphulukisa. Uyakukholwa na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.]

181 Baba oseZulwini onomusa, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, ngazi ukuthi lona wesifazane useduze nokuKhanya, nethunzi nje emva kwakhe, elibizwa ngomdlavuzo. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzomupha ukuphulukiswa kwakhe kulobubusuku. Futhi ngiyasilahla lesi sitha, phezu kokuvuma kokukholwa kwakhe, neZwi leNkosi uNkulunkulu. Ngiyahlala lodeveli omhluphayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁸² Hamba, ujabule, dade. Ungakhathazeki. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

¹⁸³ Uyafuna ukuphulukiswa, uyafuna, dade na? Ubungakwenza... ubungangikholwa njengomprofethi waKhe na? Uma bengingakutshela ukuthi ikuphi inkathazo yakho, nokuthi yini engalungile ngawe, nokuthi wenzeni, ubungakukholwa na? Ubungakwenza? Ubuyofanele wazi ukuthi ngandlela thize kuza. Kusemhlane wakho, akunjalo na? Ya. Kunjalo. Manje uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Unokwethuka wonke, futhi, futhi unezinto ezilakanyanayo. Futhi izinto eziningi okholelwa ukuthi unazo, ongenazo, ngoba yimizwa yakho. Niyabo, lokho kwenza lokho. Ngezinye izikhathi, uma ulala phansi, uzwa sengathi inhliziyo yakho yimbi. Kodwa lokho akuyilutho kodwa isisu sakho nje. Kuyisilonda emgudwini wesisu sakho, esibangela ukucindezelwa kwegesi enhliziyweni yakho. Ngeke kukulimaze. Uzosinda. Ungowesifazane okahle. Ukukholwa kwakho kukusindisile. Uyangikholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Khona-ke hamba ngendlela yakho, uthokoza, ubonga uNkulunkulu.

Ake sithi, “Makabongwe uNkulunkulu,” wonke umuntu.

¹⁸⁴ Dadewethu, kusobala, uyazi ukuthi into eyodwa kuphela engakuphulukisa, lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu uYena kuphela Ongaphulukisa umdlavuzo futhi asindise, kodwa Angakwenza uma ungakholwa. Ingabe uyakwenza ngenhliziyo yakho yonke na?

¹⁸⁵ Baba waseZulwini onomusa, esikholwa kuYe, ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi uMoya waKho onamandla onke uzothinta lona wesifazane futhi uzomsindisa. Njengoba Ushilo eZwini laKho, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Into yokugecina Oyishilo, Jesu, ngenkathi Ushiya iBandla laKho, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli. Lowo okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa, futhi lowo ungakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha imimoya emibi; babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda.” Nkosi, Wena uthembekile eZwini laKho. Futhi phezu kokuthunywa kweNkosi uJesu, phezu kweZwi laKho elinamandla onke, Manje ngicela ukuthi lobububi buhambe, dadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁸⁶ Hamba manje, ujabule, uthokoza, futhi usinde. Amen. Nonke nina, nina zethameli, anisoze... Ngifisa sengathi ubungakwenza... Ungase ucabange ukuthi ngiyahlanya, kodwa anginjalo. Qhabo, mnumzane. Anginjalo. Kodwa ngisho lokhu eGameni leNkosi, ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu evukile, uyaphila kulobubusuku, futhi ulapha kuleliholo elikhulu khona manje, ekhombisa izinto iZwi laKhe elathi

Uyozenza. Akamangalisi Yena na? Umangalisa kakhulu. O, kuhle kanjani!

¹⁸⁷ Bengibuka inenekazi, kodwa ngikholwa ukuthi yinenekazi elingemva kwalo, elinenkathazo yenyongo, lihlezi emuva lapho, elingathanda ukuphulukiswa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubeyokuphulukisa, dade na? Lihlezi lapho, khona ngqo emva kwenenekazi; uhlobo lwenenekazi elisindayo lingibuka. Awu, uyakholwa na? Khona emuva ngemva kwenenekazi. Ubuhlezi lapho ukhuleka, bekungesiwe na? Hhe? Wena. Qhabo, inenekazi elihlezi khona *lapha*, kukhona lokho . . .

¹⁸⁸ Ukube ubungabona, ukube ubungabona kuphela! Bangaki abasibonile isithombe seNgelosi yeNkosi na? Nasi silenga, khona lapha, phezu kwalo wesifazane khona lapha.

¹⁸⁹ Lihlushwa into engalungile enyongweni. Ingaphakathi e . . . ngaphansi ngqo kohlangothi lapha, lokho kudala inkathazo. Futhi belihlezi lapho, likhuleka futhi licela, uNkulunkulu ubeyoliphulukisa.

¹⁹⁰ Dadewethu, ngeke usakhathazeka. UKristu usekuphilisile. Amen. Siyayibonga iNkosi.

¹⁹¹ Ucabangani, dade na? Siyizihambi komunye nomunye. Ingabe siyizo na? [Udade uthi, “Impela.”—Umhl.] Asazani. UJesu Kristu uyasazi, Akasazi na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi lapho inkathazo yakho ikhona, noma okuthize ngawe, owaziyo ukuthi angikwazi, uzoMemukela njengomphulukisi wakho na? Ngingumfowenu. Ngi—ngingekuphulukise. Ngiyindoda nje, njengobaba wakho—wakho, noma umyeni, umfowenu, kanjalonjalo. A—angiyena umphulukisi. Kodwa, niyazi ukuthi wena umi eBukhloneni baKhe, noma, okuthize, ukuthi u—uyazi ukuthi kukhona iNto ethize eseduze ngaphandle komuntu. Akunjalo lokho na?

¹⁹² Manje, kubangani bakho phandle lapho, nakufakazi weNkosi uJesu, ukuze bazi, futhi ukuze izethameli ziqiniseke. Ngoba, emva kwalobubusuku, bayoba baningi abayoma ekwahlulelweni. Niyabo? “Ukuze bazi!”

¹⁹³ Ngifuna ukusho okuthize nje. Selokhu nje ukhuphukele lapha, ngisho namanje, ukuthi kukhona umuzwa wothando lwangempela, othobekile, omnandi eduze kwakho. Ukuthi wena . . . Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, futhi angikaze ngikubone empilweni yami. Manje, kubantu abamaziyo, ubungeke ume eduze kangaka ngaphandle koKukwazi, ukuKuqonda. Futhi Ulapha. Lowo nguMoya oNgewe. Niyabo? I . . . Unomthelela njalo phezu ko—komuntu. Kufanele kube okuthize.

¹⁹⁴ Isibonelo, uma u—uma ubona okuthile ngeso, kuzoba nomthelela wozwelo kuwe. Futhi uma kukhona umuzwa wokuzwa, futhi uma okuthile kuthinta lowo muzwa, ku—kuletha

umuzwa, niyabo. Wena u—umele. Niyabo, kufanele kusabele, futhi useBukhloneni baKhe. Manje, ngi . . .

¹⁹⁵ Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMemukela njengomphulukisi wakho-ke, ngakho na? Inkathazo yakho yinkathazo yamanenekazi, ukuphazamiseka kwabesifazane. Kunjalo. Unezinhlungu, ngaphansi, ohlangothini. Akunjalo na? [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Yishubhu. Futhi li in- . . . Linegciwane. Unethumba kulo, futhi kukubangela inkathazo. Ngezinye izikhathi kuba kubi kakhulu kunakuqala. Ngiyakubona, ezinsukwini, lapho uzibamba futhi uhamba nje, ucishe uhlanganise amazinyo akho. Lokho kusanda kwenzeka. Ingabe kunjalo na? Awukholwa ukuthi ngifunda ingqondo yakho, uyakholwa, dade na? [“Qhabo.”] Uyikholwa.

¹⁹⁶ Manje, uJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Manje, iBhayibheli lathi lezizinto ziyokwenzeka. Futhi ukahle manje . . .

¹⁹⁷ Bheka. Okokuqala, iZwi, iZwi likaNkulunkulu lathi lezizinto ziyokwenzeka.

¹⁹⁸ Lapha, wenyukela kimi, isihambi, ungakaze ungibone. Futhi ngokushesha nje lapho wenyukela lapha . . . Uhambe phambi kwabantu sonke isikhathi, abefundisi, kodwa awukaze uzizwe kanje empilweni yakho. Niyabo? Khona-ke nakhu kuza iNto ethize yehla, loMuntu othandekayo olapha kanye nathi manje, ekutshela ukuthi ikuphi inkathazo yakho, nokuthi ubuwenzani. Khona-ke uyazi ukuthi kufanele kube okungaphezu kwemvelo, akunjalo na?

¹⁹⁹ Manje-ke, uyakholwa ukuthi ngiyikholwa na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Manje-ke uma ngibeka izandla phezu kwakho, futhi ngicela ukuphulukiswa kwakho, kuzofanele kuphile, angeke na? [“Kunjalo.”] Khona-ke woza ngaphambili, uma uthanda. Ake ngibeke isandla sami kwesakho nje.

Futhi singakhuleka, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

²⁰⁰ Baba wethu waseZulwini othandekayo, sazi ukuthi uBukhona baKho bulapha, futhi Wena unamandla onke. Usezindaweni zonke. Futhi ngiyakhuleka, ngoJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Uzophulukisa udadewethu. Futhi umi lapha eBukhloneni baKho, manje, futhi Wena uyagcoba. Futhi ngicela ukuthi Ususe ububi emzimbeni wakhe. Manje, siyazi ukuthi bekuzothatha impilo yakhe, futhi kumthumele ethuneni elingaphambi kwesikhathi, kodwa Wena ulapha ukuze ukususe. Futhi, Baba, siyakhuleka ukuthi Uzokwenza. Futhi siyazi ukuthi sinakho esikucelayo, ngokuba Ulapha ukuze ufakaze kithi ukuthi Uvusiwe kwabafuleyo. Futhi Uyamazi lo wesifazane. Ubumazi selokhu afika emhlabeni. Futhi ulapha umembulela izinto azenzile empilweni yakhe, nokuthi yini engalungile kuye.

201 Futhi, manje, phezu kwe—igunya leZwi likaNkulunkulu, ngizela ukuzophonsela inselele isitha emzimbeni wakhe. Wena sitha, esibizwa ngodeveli! Ngiza, ngibiza isipho engasisizwa yiNgelosi. Lokho, Sathane, uyakwazi. Futhi ngiyakuyala ngoNkulunkulu ophilayo, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uphume kowesifazane, futhi ungabe usamhlupha. Amen.

202 UNkulunkulu akubusise, dade. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzophila. Ngibhalele ubufakazi bakho, ungitshela ukuthi kwenzekani enhla lapha lapho ufika.

203 Ungathanda ukwedlula leyonkathazo yenhliziyi, mnumzane, uphile na? Suka emsamo, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngokungiphulukisa,” futhi uzophila. Amen. Kholwa manje ngenhliziyo yakho yonke.

204 Ngifuna ukukubuza okuthize. Lapho ngithi “inkathazo yenhliziyi” kuye, kukhona okwenzekile kuwe. Akubanga njalo na? Isizathu, yilokho obunakho, nawe. Ngenkathi umi ezansi lapho ezethamelini, emizuzwini embalwa edule, uthe, “Yebo, ngiyakholwa.” Futhi kusukela ngaso lesi sikhathi, kube khona umehluko kuwe, akunjalo na? Kunjalo. Kodwa, uyabo... [“Ngi—ngi—ngi—bengicabanga ukuthi bengikholwa lokho obukusho kuleyondoda.”] Kunjalo. Impela. [“Futhi lokho kusenkathazweni yenhliziyi. Bengingacabangi ngami uqobo.”] Ngiyazi. Kodwa ngenkathi ungizwa ngisho lokho kuleyondoda, engikushilo, kwase kuba into ethize, uzizwe umangalisa, awuzizwanga na? Manje, yilokho okuza kuwe, ukuletha ukuphulukiswa kwakho. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [“Yebo. Ngiyakholwa, yonke inhliziyo yami. Ngiyakholwa.”] Woza, dadewethu.

205 Baba waseZulwini onomusa, ngiyakhuleka ukuthi, eGameni likaJesu, ukuthi Uzobonakalisa uthando lwaKho kulo wesifazane. Futhi uzomphulukisa futhi umphilise ngokuphelele, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

206 Manje, ngiyamangala, phandle lapho, bangaki abakholwayo manje ngenhliziyo yenu yonke na? Niyakholwa na? Phakamisa isandla sakho.

207 Ingabe ukhona umuntu phakathi lapha, lowo ongeyena umKristu, ngaphambi kokuba sikhulekele omunye ogulayo futhi, othi, “Manje ngiyamamukela uJesu njengoMsindisi wami. Ngike ngaba nokwesaba okuncane empilweni yami”? UNkulunkulu akubusise, nsizwa ehlezi phezulu lapho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elimi nengane. Ingabe omunye angasiphakamisa isandla sakho, athi, “Manje ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami”? UNkulunkulu akubusise, dade.

208 Khumbula, awusoze, mhlawumbe, uze ufike eZulwini, ube seBukhloneni baKhe kunalokho ukhona lapha, uMbhekile ehamba nabantu.

209 Ngabe omunye, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje na?

210 Baba waseZulwini, Ufuna abantu bakholwe kuWe. Ufuna abantu baKuthande. Abane noma abahlanu baphakamise izandla zabo, ukuthi bafuna ukuKwemukela njengoMsindisi wabo siqu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosebenza manje nje. Futhi makuthi abesilisa nabesifazane, abangakaze beze kuWe namanje, noma mhlawumbe basuka kuWe, futhi basuka ebandleni, futhi basuka ekukhonzeni, futhi bafuna ukubuyela kuWe, futhi bayazi ukuthi Wena ulapha, futhi ba—bayazi ukuthi nguWe okhuluma nabo manje nje, Ngikhulekela ukuthi ngokuzithoba bazophakamisela izandla zabo kuWe, bazi ukuthi ngelinye ilanga bazohlangana naWe. Futhi mhlawumbe ngaphambi kokuba lonyaka uphume, noma mhlawumbe ngaphambi kokuba leli viki liphele, bangase beze uku—ukuhlangana naWe. Futhi bafuna ukuza ngokuthula, bazi ukuthi izono zabo zithethelelwe.

211 Futhi, Baba, ngibanika, ngeZwi laKho, isithembiso; ukuthi Wena wathi, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade; futhi akasoze eze ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

212 Ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu, nomculo udlala, Ngiyazibuza, mngane ongumKristu, noma mngane oyisoni, ingabe ukhona omunye phakathi lapha na? Hhayi kimi, umfowenu; kodwa ekwazini ukuthi iNkosi uJesu iseduze, ungasiphakamisa isandla sakho na? Amakhanda enu ekhothame, akungabheki muntu, ngiyacela. Vele uphakamise—vele uphakamise isandla sakho kuNkulunkulu, futhi uthi, “Ngalesi sandla siphakeme, manje ngifuna ukwamukela uJesu njengoMsindisi wami. Ngenkathi Eseseduze kwami kanje, ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami.” Ungaziphakamisa izandla zakho na? UNkulunkulu akubusise; wena; wena ezansi lapho, nenekazi eliselincane; wena, mfana omncane; wena, nenekazi; nawe. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise. INkosi uJesu mayibe nesihawu kini, nonke.

213 Ingabe bakhona abanye lapha abebavamise ukuya esontweni futhi bahlanganye ebandleni elithile ndawana thize, futhi usanda kusuka esontweni, awusayi esontweni na? Angikhathali ukuthi yiliphi ibandla okuyilo; lokho akunandaba. Kodwa ufuna ukubuyela ebandleni lakho, futhi uthathe inhlanganyelo yakho futhi nabantwana bakaNkulunkulu, futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni, ukuthi uNkulunkulu uzokuvumela ubuyele emuva na? Phakamisa isandla sakho. Uzokwenza na? UNkulunkulu akubusise. O, he! Kunezandla eziyishumi nambili,

ngiyacabanga, eziphakeme. Manje, lokho kuyamangalisa. Yenza lokho, uzokwenza na?

214 Umfowethu, umelusi, uzonibizela phezulu e-altare, emva kwesikhashana, umfowethu, uJunior Jackson, ngalokhu kubizela e-altare, emizuzwaneni embalwa nje.

215 Kodwa ngifuna ukunibuza umbuzo. Niyakholwa manje ukuthi iNkosi uJesu ilapha, futhi ningathanda ukuphulukiswa na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uvele uphakamisa isandla sakho, ukuthi ufuna ukuphulukiswa na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

Manje namakhanda enu ekhotheme.

216 Ngibona inenekazi lihlezi khona lapha, umzuzwana nje. Yebo, linenkathazo yowesifazane. Lihlezi khona phandle lapha, nesandla salo siphakamele ngasekhanda lalo. UNkulunkulu akubusise, dade. Isandla sakho siphakame emizuzwini embalwa edlule. Awusamele ukhathazeke futhi. UNkulunkulu, Uyakuphulukisa; ukukholwa kwakho.

217 Mfowethu, wena ohlezi emuva lapho ubheke ngakimi, neqhaqhazelayo, nohlobo lwedumbe, unenkathazo yendlala yesinye. Ufanele uvuke ebusuku. Awunjalo na? Kunjalo. Yebo, mnumzane. Futhi manje, lokho, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakuphilisa na? Uma ukholwa, kulungile, khonake ungaba nokuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu.

218 Phezulu kuvulandi osesitezi lapha, ngale kwesokudla sami, omunye laphaya uthi, “Nkosi Nkulunkulu, ngiyaKukholwa ngenhliziyo yami yonke. Ngifuna ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko njengamanje.” Ungasiphakamisa isandla sakho, kungenandaba ukuthi uvelaphi. UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

219 Ngibona amanzi, egeleza. Yisithunywa senkolo sihlezi lapha sikhuleka, futhi. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingakubusisa, dadewethu, futhi ikuphe isifiso senhliziyo yakho, futhi. INkosi ibe nawe.

Uthi, “Ukwazi kanjani lokho, Mfowethu Branham na?”

Ngifanele ngikusho. Nakhu, iNgelosi yeNkosi ilapha.

220 Manje, wena, ngizokucela ukuba wenze okuthize. Wena ohlezi eduze komuntu othile kuwe, loyo okugulayo, ungabeka izandla zakho phezu kwabo umzuzwana nje, okwezwi lomkhuleko. Bekani izandla phezu komunye nomunye, ngezwi lomkhuleko. Kulungile. UNkulunkulu uzowuzwa umkhuleko wakho, nawe. Uyakuthanda. Ulapha, futhi Ufuna ukukuphilisa.

²²¹ Baba wethu waseZulwini, ngiletha lezizethameli kuWe manje nje, ngazi ukuthi Wena ulapha, awuzange wehluleke nakanye. Awusoze wehluleka, Nkosi. Wena unguNkulunkulu, futhi Angeke wehluleke. Futhi isimo saKho sokuziphatha ngakulababantu abayishumi noma abayishumi nanhlanu abeza benqamula emsamo, kulobubusuku, isimo saKho sokuziphatha kumuntu ngamunye. Abaningana laphaya ezethamelini, mhlawumbe abayisishiyagalombili noma ishumi phandle ezethamelini lapho, ukuthi Uyikhombisile imibono ngale, ubatshela ukuthi izifo zabo besiyini, nokuthi zaziyi. Ngani, Wena uyiNkosi uJesu. Uyabazi bonke. Futhi Ungembula, ezincekwini zaKho ezithobekile, lokho okudingekayo.

²²² Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, manje nje, ukuthi Uyababona, njengoba benjalo manje... Futhi ngiyakhuleka ukuthi enhliziyweni yaKho enkulu, engaziyo ukuthi kungaleya kude kwalokho ububele bomuntu obungaba yikho, kodwa Wena babheke futhi ubone ukuswela kwabo, futhi uphulukise bonke. Nkosi, Uyazazi izimo zabo. Futhi ngiyakhuleka, ngeGama likaJesu, ukuthi, khona manje, ukuthi Uzobaphulukisa.

²²³ Nesitha, udeveli obabophile, nokungakholwa okubabophele ezimeni; Ngiyakuyala, sitha sikaJesu Kristu, ukuthi uphume ebantwini. Futhi bashiye, ngeGama likaJesu Kristu.

²²⁴ Manje, namakhanda enu ekhotheme, nikholwa ngenhliziyo yenu yonke, ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ulapha, futhi eniphilisa, ukuthi nihlezi eBukhoneni baKhe, futhi niyakholwa. Futhi uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ukholwa ukuthi ungakwemukela ukuphulukiswa kwakho, ikhanda lakho likhotheme, phakamisa isandla sakho; uma uzwa ukuthi ungakwemukela ukuphulukiswa kwakho, ukuthi usuphulukisiwe. UNkulunkulu akubusise. Kuyamangalisa lokho. Izethameli zonke, nabo bonke, ngiyakholwa, abaphakamise isandla sabo, manje wemukela ukuphulukiswa kwabo. INkosi inibusise.

²²⁵ Sisakhothamisa amakhanda ethu futhi, ngezwi lomkhuleko elivela kuMfowethu Junior Jackson, nekhanda lakho likhotheme. Kulungile, Mfowethu Jackson, iNkosi... [UMfowethu uJackson uyakhuleka—Umhl.]



UKULWELA UKUKHOLWA ZUL56-0200
(Contending For The Faith)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoFebhuwari, 1956, eGeorgetown High School eGeorgetown, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org